


BHEKA LAPHAYA KUJESU

 Amen. Ngiyabonga, George, Becky, noDadewethu Ungren, lelocolo elimnandi! Yiqiniso lelo, “Konke kuyaguquka uma uJesu efika.” Uvele abuvale ubumnyama, bese esabalalisa ukuKhanya, futhi siyabonga ngalokho. Manje, leso bekuyisikhathi sokuqala sikaBeckey ukuba adlale ebandleni lapha, iculo elifanele impela, *Lapho uJesu Efika*.

² Ngakho siyabonga kakhulu ukuba sibe lapha futhi, kulobubusuku, futhi siyabonga kakhulu nge... ukwethamela kwenu okuhle kulokhu ukusa. Futhi manje kulobubusuku, yi, nginendaba encane engifuna ukukhuluma ngayo, emizuzwaneni embalwa; kodwa ngaphambi kwalokho nje, nginezinye izimemezelo engizozimemezela, nezinto.

³ Futhi ngithe nje ukusha izwi kancanyana. Ngicabanga ukuthi nje yingenxa yokukhuluma ngokweqile. Ngishumayele isikhathi eside. Kodwa uma ngithatha lawa, ihora noma amabili, amateyip, futhi uma ngibuyela lapha, yingenxa yokuthi lokho ngikuteyipela umhlaba jikelele. Futhi ngakho ngiyanibonga ngokusibekezelela kangaka kulokhu ukusa.

⁴ Namanje kukhona izinto ezimbalwa engithanda ukuzithinta khona lapha. Lokho kungukuthi, lokho, ngi—ngithanda ukuyibuza ibandla, into yokuqala, into engiye—yenzile, futhi ngi—ngifuna ukubuza ukuthi ngingakushintsha yini lokho, kulobubusuku. Asi... .

⁵ Angenzi izifungo zonyaka omusha. Bese-ke ngi... .sifanele siye ekhaya kusasa, ngakho ngeke sibe lapha ngonyuye, uku... . kodwa sizonikhumbula. Futhi ngikholwa ukuthi kuyobakhona umhlangano lapha, ebusuku bukanyuye. Ya, kunjalo, i—inkonzo yokulinda, njengoba bebanayo njalo ebusuku bukanyuye. Sithanda ukuhlala, kodwa asikwazi nje ukubuya ngesikhathi bese-ke si—sifaka abantwana esikoleni. Nomkami uzobawashela izingubo zabo; niyazi ukuthi kunjani.

⁶ Ngakho ngifuna ukunibonga ngamunye wenu ngezinto zenu ezinhle enasenzela zona wonke uKhisimuzi. Nani besifazane enenyukela lapho futhi nafaka ukudla endlini, nezinto, nenzela thina, ukuthi uma sesifike lapho, lapho kwaku... . ukudla kwasekuphekiwe vele futhi kwasekulungele ukudliwa. Nginibonga ngempela ngalokho. Sengathi uNkulunkulu anganibusisa njalo.

⁷ Nebandla, ngethikithi labo elincane, ukuthi ngikwazi ukuya ngapha futhi—futhi ngithole izingubo zokugqoka uma bengizifuna, zesudu. Bangipha isudu njalo ngonyaka. Nabanye abangani bami abanomusa basanda kungithengela isudu. Ngakho ngicabanga ukuthi, uma kulungile, ngidinga ezinye

izinto njengamayembe namavesti, nezinto, ngithanda ukuthatha imali phezu kwalokho uma kulungile ebandleni. Ngidinga lokho kangcono kunoma ngi...kabi kunoma ngidinga isudu, ngaso impela isikhathi.

⁸ Futhi manje, lomfo osemncane osanda kusiculela, uMfowethu George Smith, ovela ezansi eTucson, kade senyuka siya ebandleni labo enhla lapho, ibandla leNew Testament Baptisti. Ubaba wakhe uyisithunywa senkolo. Ngicabanga ukuthi cishe unamabandla ayisikhombisa ezansi eOld Mexico. Futhi ngempela kukhona abantu abanomoya omuhle lapho. Noyise nonina, nabobonke, bangabantu abanomoya omuhle. NoGeorge uyinsizwa enomoya omuhle kabi. Ngidabukile nje ukuthi akasiphanga izwi lobufakazi ngaphambi kokuba ahlale phansi, ngomusa osindisayo kaKristu empilweni yakhe.

⁹ Futhi manje, i—iMilayezo, ngethembisa lapha esikhathi esingeside esedlule, ukuthi iMilayezo, ngaphambi kokuba ngiphume ngiye emihlanganweni, ukuthi ngiyoza lapha futhi ngiyiteyipe kuqala bese-ke ngiyaphuma. Lokho kwakungenxa yokuthola amateyipu ayekubantu. Bese-ke ngiza lapha futhi ngiteyipe uMlayezo, bese-ke ngiyaphuma-ke futhi ngiWushumaye. Lokho kuyonika abantu ithuba, ku—kubenzi bamateyipu, ukwenza iteyipu bese siyiphatha lapho sihambile. Manje ngilungiselela ukusuka ngiye ohambweni loxhaxha lokuvangela, ngakho ngi—ngingeke ngikwazi ukwenza lokho kusukela manje kuqhubeke, niyabo, nalowo othatha amateyipu uzofanele nje awathole lapho sihambisana.

¹⁰ Futhi ngicabanga ukuthi, empeleni, abanawo yini umhlangano emateyipini kuleliviki na? Noma, into ethize noma enye ngawo, into ethize emayelana namateyipu kuleliviki. Empeleni, ngicabanga ukuthi uMfowethu Sothmann ukhona, futhi umele uMfowethu Maguire. Angazi noma ukhona noma akekho. Ngicabanga ukuthi uMfowethu Fred ukhona. Ukhona othe ubekhona. Futhi u...Ngicabanga ukuthi banomhlangano kuleliviki, mhlawumbe kusasa ebusuku, noma ngesinye isikhathi, mayelana namateyipu. Sasikhuluma ngakho ngobuny'ubusuku, ekamelweni lapho. Ngicabanga ukuthi sekuyiso isikhathi sento ethize, sokuthi bathathe futhi benze amalungiselelo ngakho.

¹¹ Ngakho, kusukela manje kuqhubeke, ngizokhuluma nje mhlawumbe iMilayezo engingakayithinti lapha etabernakele, ngaphandle emihlanganweni.

¹² Futhi manje nginakho, ngifuna ukubonga uNkulunkulu ngalobobufakazi bukaMfowethu Blair. Kwenzeka ukuthi uMfowethu noDadewethu Blair uhlezi khona lapha kulobubusuku, uhlezi khona lapha phambi kwethu, lowo owayenomfana omncane. Futhi ngiyakhumbula ngenkathi iNkosi ingitshela, ngenkathi waye...uMfowethu Blair, edabuke

kakhulu, ekhala izinyembezi. Nomfana wakhe omncane wayehlifizeke ebusweni *kanje*, ngenxa yemoto eyaphendukayo, futhi wayekabi impela. Kodwa ngenkathi ngisa—sakhuleka, ngambona umfo omncane ekahle. NoMfowethu Blair, kusobala, wangibuza, wathi, “Mfowethu Branham, lona nguye yini u ISHO KANJE INKOSI na?”

Ngathi, “Mfowethu Blair, Blair, ngu ISHO KANJE INKOSI.”

¹³ NoMfowethu Blair ukhona kulobubusuku. Futhi sibonga ngempela ukuba sibe noMfowethu Blair. Futhi kade ephethwe yi—yinkathazo encane yokwethuka. NoSathane umnika okukhulu ukumqhwabaza, lapha esikhathini esingeside esedlule, ukuzama ukumenza angangikholwa. Futhi ngenkathi uSathane enza lokho, iNkosi yafika ngqo macala onke yase imembulela khona; futhi yamtshela ngakho, ukukunqamula nje ngaphambi kokuba sifike isikhathi salokhu. NoMfowethu Blair uyindoda enomoya omuhle. Futhi ngifuna nimkhumbule. Uthe nje ukuma phakathi kwemiqondo emibili ukuthi akenzeni. Akazi nje ukuthi uzojika kanjani. Futhi ngethemba ukuthi, Mfowethu Blair, ukuthi uNkulunkulu. . . Wena uyinceku enkulu kaKristu, futhi Unokuningi kakhulu ngawe okufanele ukwenze, ngoba iziNkanyiso ziba lufifi. Ubukhona kulokhu ukusa na? Ehhe. Awu, lokho kuhle kakhulu.

¹⁴ Manje—manje, ngiyethemba, ngesikhathi esilandelayo ngifanele ngikubone, mhlawumbe enhla eSpring, kancanyana. Futhi ngalesosikhathi, mhlawumbe sizokwazi ukuthi siyoyibamba yini i—imihlangano, noma qha, lapha eJeffersonville, ngesikhathi ebengifanele ngibe ngaso eNorway nasamazweni aseScandinavian. Manje ngaphambi nje kokuba sithathe indikimba. . .

¹⁵ Isizathu, sinomugqa womkhuleko ozokwenyuka, nabanengi bamile, amakamelo, nasezindongeni macala onke, nokunjalo, futhi ngiyazi, nina, kulukhuni kakhulu kini. Futhi ngama, isikhathi esiningi, qobo lwami. Futhi ngedlula, esikhathini esedlule, ngehlisa unkosikazi, ngaqaphela abantu bezungeze iminyango. Futhi ngacabanga, “Ubani othi iVangeli liselokhu lingeyona into eheha kunayo yonke into ekhona ezweni na?” Impela liyiyo. Liyiyo, Liheha labo abanesasasa kuLo. Labo abangenalo isasasa, kusobala, abaheheki. Bona, ngeke Labaheha. Kodwa, uJesu, “Uma Mina,” wathi, “uma Ngiphakanyiswa emhlabeni, Ngiyodonsela wonke umuntu kiMi.” Kuyiqiniso kanjani pho lokho!

¹⁶ Futhi uma ngifika lapha, kuningi kakhulu nje okufanele ngikusho, futhi ngiyaye ngithi ukukubhala phansi engizokusho lapha, okwesikhashana. Noma ngi. . . Kuningi kakhulu okufanela ngikusho, uvele nje ukukhohlwe ozokusho.

¹⁷ Manje, ngiyaqonda ukuthi ubaba kaMfowethu Ungren ubhaphathizwe kulokhu ukusa, eGameni likaJesu Kristu. Futhi uma Udadewethu Ungren nabanye bekhona, ngineqiniso lokuthi leyo yinto enkulu kubo, ngoba lokho bekungumkhuleko wabo wanjalo njalo iminyaka eminingi. Futhi Mfowethu Ungren, noma ngabe ukuphi, uNkulunkulu akubusise kakhulu, mfowethu.

¹⁸ Futhi uma lokho kungeyikho, Nkulunkulu ngenze ngiphendule ngakho ngoSuku lokwaHlulela. Niyabo? Ngiyazi ukuthi kuyikho. Ngi—ngizokwemukela ukusolwa ngalokho. Kunjalo impela, ngoba kuyiQiniso.

Wena uthi, “Ngabe ukhona umehluko okuwenzayo na?”

¹⁹ Kwenza kuPawulu. Babuza ukuthi babebhaphathizwe kanjani. Bathi base bevele bebhaphathizwe nguJohane, umuntu owabhaphathiza uJesu. UPawulu wathi babefanele beze futhi baphinde babhaphathizwe, futhi, eGameni lika “Jesu Kristu.” Futhi akukho noyedwa umuntu eBhayibhelini owake wabhaphathizwa eGameni lika “Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele.”

²⁰ Akukho-bantu owake wabhaphathizwa kanjalo kwaze kwaba ngukuhlela kwebandla eliKatolika eLawo...Lawo-Nayisiya, uMkhandlu waseLawo-Nayisiya eLawo-Nayisiya, eRoma. Kulapho-ke umuntu wokuqala ake abhaphathizwa khona, esebenzisa iziqu.

²¹ Umfo wathi kimi ngelinye ilanga. Ngathi, “Awu, uma... I ‘Nkosi uJesu,’ lelo yiGama laYo.” Wathi... “Awu,” ngathi, “uma umfo eza kuwe...”

Wathi, “Angicabangi ukuthi ukhona umehluko okuwenzayo.”

²² Ngavele ngambamba nje emfundisweni yakhe uqobo. Ngathi, “Uma umuntu eza kuwe wayesethi, ‘Ngibhaphathizwe eGameni leNtebe yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, neNkanyezi yoKusa,’ ubungasho yini ukuthi ‘amen’ kulokho na?”

Wathi, “Qhabo, mnumzane.”

Ngathi, “Ubungaba kanjani... Ubungaphinda umbhaphathize na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane.”

Ngathi, “Ubungambhaphathiza kanjani na?”

Wathi, “Bengingambhaphathiza eGameni lika ‘Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele.’”

²³ Ngase ngithi, “Yileyondlela ebengingambhaphathiza ngayo, ya, eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.” Ngathi, “Manje, iNtebe yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, neNkanyezi yoKusa’ akusilo igama.”

Wathi, “Kunjalo. Yisiqu.”

24 Ngathi, “Kanjalo no ‘Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele.’ Manje bengingambhaphathiza eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele; neGama likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele yi ‘Nkosi uJesu uKristu.’ Impela. Ngakho ngithi . . .” Futhi wakubona, kholwa, noma ungakholwa.

25 KwakunguMfowethu Joseph Mattsson-Boze, waseChicago, umfo olukhuni kunabo bonke esengake ngaba naye ukuba abhobokeye, ngakho. Futhi ngicabanga ukuthi ngike ngaba kwabomdabu abalapha ezinkulungwaneni ezintathu noma ezine ukubabhaphathiza manje, uma ngifika ngale eAfrika naye, nokuthi aphinde abhaphathizwe.

26 Manje, ngakho siyabonga ngokuKhanya kweVangeli. Futhi ngakho manje, uJesu wathi, ngenkathi Eselapha emhlabeni, “Mina, Engikuzwayo, lokho Ngiyakukhuluma.” Futhi manje ngizothi . . . kweyethu elandelayo nje, cishe imizuzu eyishumi, noma eyishumi nanhlanu, ngaphambi nje kokuba ngithathe indikimba yami, futhi indikimba emfishane impela, sizobe-ke sesiba nomugqa womkhuleko. Sengifike endaweni enkonzweni yami, lapho ngi . . . ngifanele ngi—ngisho okuthize. Futhi ngi . . .

27 UJesu wakusho. Yilokho Akuzwayo, kwaba yilokho Akukhuluma. Futhi Wathi, “Nginibize ngabangani baMi, nomngane utshela abangane bakhe zonke izinto.”

28 UPawulu washo, eZenzweni 20:27, “Angigwemanga ukunitshela lonke iCebo likaNkulunkulu.” Niyabo?

29 Futhi ake ngijoyine phakathi, kulobubusuku, futhi ngisho into efanayo nalowo omkhulu ongcwele wasendulo. Ngokwazi kwami konke, angu . . . Angigwemanga, kodwa nganitshela lonke iCebo likaNkulunkulu.

30 Omunye wayedlala enye yamateyipu, ngelinye ilanga. Futhi ngoba nje kwathukuthelisa omunye, babadubula ngefastela, nowesifazane walimala.

31 Ngakho mhlawumbe ngelinye ilanga ngiyobeka uphawu ubufakazi bami. Kodwa uma lesosikhathi sifika futhi ku . . . Sengikulungele ukuhamba. Kuze kufike isikhathi sami, akukho okuzongilimaza kuze kube yilesosikhathi. Niyabo?

32 Manje, sikholelwa eVangelini elifanayo, ngayo nje indlela iBhayibheli elilotshwe ngayo. Lize liyofika kuziro. Futhi—futhi uma isibhamu sikuziro impela, futhi sishunekile; uma sishaya inkololo okokuqala, siyoyishaya okwesibili, nangesikhathi sonke.

33 Uma isihlahla, noma igatsha, umvini, ukhipha igatsha, nalelogatsha lithela isithelo esithize; ngesikhathi esilandelayo u—umvini ukhipha igatsha, uyothela uhlobo lwesithelo esifanayo.

34 Futhi uma uJesu enguMvini, futhi thina singamagatsha; neGatsha lokuqala, iBandla, elakhishwa yilowoMvini,

baloba iNcwadi yeZenzo emva kwakho. NaleloGatsha lokuqala labhaphathiza eGameni likaJesu Kristu. Futhi babenoNkulunkulu ophilayo phakathi kwabo, owenza izinto ezifanayo phakathi kwabo Azenzayo ngenkathi Esesemhlabeni. Ngakho-ke, abantu babaqaphela, nakuba bengazi lutho futhi bengafundile, ukuthi babekade benoJesu, ngoba ukuPhila kwaKhe kwakungabo.

³⁵ Njengoba ngishilo, ukuba nganginomoya ka—kaBeethoven kimi, ngangiyobhala amaculo. Uma uBeet-...uma ngi... Uma uBeethoven wayehlala kimi, ngangiyoba nguBeethoven. Niyabo?

³⁶ Ukuba uShakespeare wayehlala kimi, ngangiyoba uShakespeare. Nga—ngangiyobhala izinkondlo, ne—ne—nemidlalo, nokunjalo, ukuba uShakespeare wayehlala kimi.

³⁷ Futhi uma uKristu ephila kimi, imisebenzi kaKristu niyoyenza. Kunjalo. Kufanele kube njalo. Futhi uyini uKristu na? IZwi. Wathi, “Uma nihlala kiMi, iZwi laMi likini, khona-ke celani enikuthandayo; kuzokwenziwa.” Ngoba, iZwi lilapho, nje lidinga ukuKhanya; futhi ukuKhanya kuLenza liphile.

³⁸ Ngakho manje ngizosho into ethize kini, manje, osekuyisikhathi eside ngingayishongo. Futhi, lokho ngukuthi, into ebesilokhu siyibhekile isikhathi eside kakhulu (okungenani iminyaka eminingi, iminyaka emine noma emihlanu, noma mhlawumbe engaphezulu), uMdonso wesiThathu, manje usuqinisekisiwe, futhi ngineqiniso lokuthi nonke niyazi ukuthi yini.

³⁹ Manje khumbulani, akusoze kwabakhona ukuzifanisa nalokho, ngoba ngeke kwabakhona. Niyabo, ngeke kwabakhona. Manje sekukhona. Futhi ngine...Ngiyexwayiswa ngalokhu, ukuthi masinya...Ngaso lesisikhathi manje kwenzekile nje, ngakho kungazikhomba ubukhona bakho phakathi kwenu, niyabo, kodwa akuzukusetshenziswa ngendlela enkulu kuze loMkhandlu uqala ukuqinisa. Futhi uma ukwenza, uma lokho kwenzeka...AmaPentecostal, nokunye nokunye, angahle cishe impela azifanise nanoma yini engenziwa. Kodwa uma kufika lesosikhathi, uma sekwehla ukukhameka, khona-ke niyobona, enikubone okwesikhashana, kubonakaliswe ekugcwaleni kwamandla akho. Niyabo? Niyabo? Niyabo? Niyabo?

⁴⁰ Manje ngifanele ngiqhubeke ebuvangeline. Njengoba nje ngayalwa, kuqala, ngifanele ngiqhubeke. Ngakho-ke, nibe nalo iZwi, futhi niyazi ukuthi yini okufanele niyifune, ukuthi nime kanjani. Ngifanele ngiqhubeke ebuvangeline. Futhi, bangane bami, yimani nithule, futhi nilokhu niqhubeka nje, ngokuba ihora lisondele ngokushesha, niyabo, kulapho kuzofanele kubekhona khona okwenziwayo.

⁴¹ Manje, ningahle nibone izinto ezincane eziyinqaba zenzekela mina. Akukho okuyisono; angiqondile lokho. Kodwa, ngiqonde,

into ethize eyinqaba entweni eyinkambiso ejwayelekile. Ngoba, lapho engifinyelele khona kuze kube manje, enkonzweni, ngithi gqi emuva lapha, ngiqaphele leyondawana futhi ngilinde isikhathi sokuyisebenzisa. Kodwa, izosetshenziswa.

⁴² Futhi wonke umuntu uyakwazi lokho, ngokuba, ngokuqinisekile impela njengoba owokuQala wakhonjwa, kanjalo nowesiBili ukhonjiwe. Futhi uma nizocabanga ngokusondele ngempela, nina eningabakamoya. Njengoba iBhayibheli lathi, “Nakhu konokuhlakanipha.” OwesiThathu ukhonjwe kahle. Niyabo? Siyazi ukuthi kukuphi. Ngakho, uMdonso wesiThathu ulapha.

⁴³ Ungewele kakhulu, ukuthi, angifanele ngikhulume kakhulu ngawo. Njengoba Angitshela ekuqaleni, wathi, “Lona, ungashe lutho ngawo.” Niyakukhumbula lokho, iminyaka eyedlula na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uzikhulumela wona. Niyabo? Kodwa u. . . ngizamile ukuchaza eminye, futhi ngenza iphutha. Lena kuzoba yinto, ezothi, ngowami umbono. . . Angisho ukuthi iNkosi ingitshela lokhu. Lena kuzoba yinto ezoqala ukholo loHlwitho, ukuba kuhanjwe. Niyabo? Niyabo? Futhi ku. . .

⁴⁴ Ngifanele ngilale ngithule okwesikhashanyana nje. Manje khumbulani, futhi nolalele leteyipu, ningahle nibone ushintsho olunjalo enkonzweni yami khona manje, luhlehla, lungayi phezulu; luhlehla. Sisonyakeni impela manje, futhi ngeke kwenzeka, ngeke usaqhubekela phambili. Sizofanele silinde umzuzu nje kuze lokhu kwenzeke *ngapha*, ukubamba, bese-ke kufika isikhathi. Kodwa, kukhonjwe ngokucacile.

⁴⁵ Kuza isikhathi phezu, kulesisizwe, kuya lapho lesisizwe esizosebenzisa khona onke amandla isilo esasinawo ngaphambi kwaso, okwakuyiRoma lobuhedeni ngenkathi iphenduka uba yiRoma lobuphapha, niyabo, ukuthi lesisizwe sizokwenza lokho.

⁴⁶ ISambulo 13 zikuchaza ngokucacile. “Iwundlu liphuma emhlabeni. Esinye isilo siphuma emanzini,” ukuminyana nezixuku zabantu. Leliwundlu liphuma lapho okwakungekho-bantu khona. Iwundlu limele inkolo. IWundlu likaNkulunkulu. . . Futhi, khumbulani, sakhuluma njengewundlu. Kwakuyiwundlu.

⁴⁷ Bese-ke, emva kwesikhashana, si be- . . . semukela amandla, futhi sakhuluma njengodrako; futhi sasebenzisa onke u—udrako, amandla udrako ayenawo ngaphambi kwakhe. Nodrako yi “Roma,” njalo. Ngakho aniboni na? Ihlelo lamaRoma; “uphawu,” ihlelo lamaProtestane; “umfanekiso kuso isilo,” senza amandla azophoqa onke amaProtestane, njengenyunyana. Niyofanele nibe kuloMkhandlu wamaBandla, kungenjalo ngeke nikwazi ukuba nenhlanganyelo. Kumbe ku—ku. . .

⁴⁸ Awu, seku—sekungaleyondelela ngokwangempela manje. Ngeke niye ebandleni futhi nishumayele ngaphandle uma ninekhadi lenhlanganyelo noma okunye okuyinkomba. Futhi

manje, kubantu abanjengathi, sizonqunywa sikhishwe kukho konke lokho, nya, kunjalo impela, ngoba ngeke bakwazi ukukwenza.

⁴⁹ Kuyampintsha. Futhi-ke uma kufika lesosikhathi, nokucindezela kufike endaweni lapho nicindezelwa nikhishwe khona, manje-ke bhekisisani engilungiselela ukunitshela khona emizuzwini embalwa. Bhekisisani uMdonso wesiThathu khona-ke, niyabo, futhi uyoba ngokoqobo kwabalahlwe ngokuphelele, kodwa lu—luyoba oloMlobokazi neBandla.

⁵⁰ Manje sisondele kakhulu kunoma kubukeka kunjalo. Angazi ukuthi kunini, kodwa ngempela, kuseduze ngempela. Ngingakha umsamo womunye umuntu ukuba akhwele kuwo. Ngingahle ngithathwe ngaphambi kwalesosikhathi. Angazi. Futhi lesosikhathi singaba yileliviki elizayo, uMoya oNgcwele ozoza ngaso ne... futhi ulethe uKristu Jesu. Angafika kuleliviki elizayo. Angafika nokho kulobubusuku. Angazi ukuthi Uyofika nini. Akasitsheli lokho.

⁵¹ Kodwa ngiyakholwa, ukuthi sisondele kakhulu, ukuthi soze ngabulawa ukuguga. Nokho, eminyakeni engamashumi amahlanu-nane ubudala, angisoze ngabulawa ukuguga, Aze abe lapha. Niyabo? Ngaphandle uma ngidutshulwa, ngibulawa, kumbe noma enye into ethize, ngibulawe ngandlela thize, ukuguga nje ngeke kungibulale, Aze afike. Futhi ngiyakukholwa lokho.

⁵² Futhi ngifuna ukusho lokhu. Angikaze ngikusho ngaphambili. Kodwa ngokomBhalo, ngalokho Akushoyo eminyakeni engamashumi amathathu eyedlula; iminyaka engamashumi amathathu-nantathu eyedlule emfuleni ezansi lapho, ngo 1933, njalo; Akushoyo, konke kwenzeke kanjalo impela nje. Ngingahle ngingakwenzi, kodwa loMlayezo uyokwethula uJesu Kristu ezweni. Ngokuba, “NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukufika kokuqala, unjalo noMlayezo ukwandulela ukuFika kwesibili.” NoJohane wathi, “Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe.” Niyabo? Ngakho, kunjalo, kwahambisana ngandlela zonke. Futhi ngiyazi ukuthi kuyohambisana, uMlayezo uyoqhubeka.

⁵³ Manje, kubekhona ezinye izinto ezinkulu ezenzekayo emgwaqeni. Kulokhu ukusa benginezingxoxiswano ekamelweni lapha. No—nomfo omncane, ogama lingu Autry, mhlawumbe usekhona kulobubusuku. UngowaseSan Antonio, eTexas. Ufika uzobuza ukuthi uma... ngenkathi siya eDallas, sivela eCalifornia; ukuthi singeke yini sathi gqi ubusuku obubodwa etabernakele labo, ubusuku obubodwa nje. Futhi bakubhekile, ngosuku olulandelayo noma ezimbili, ukubona ukuthi singakwenza yini lokho. Futhi ubengitshela nge... Bengingakaze ngibe seSan Antonio selokhu kwaba yilowo mhlango wokuqala.

⁵⁴ Manje, umhlangano wokuqala, ngenkathi ngifika eSan Antonio. Ngangilapho, ngiyacabanga, noMfowethu Coote ne—neInternational Bible School. Futhi ngiyalikhohlwa ihholo elikhulu esasinenkonzo kulo. Futhi kuphakathi kokuthi kwakungubusuku bami bokuqala noma ubusuku besibili, ngicabanga ukuthi ngubusuku bokuqala, ngenkathi ngiya emsamo, ukhona owasukumayo endlini, emuva le ngemuva, futhi wakhuluma ngezilimi, njengo—ngomshini-gani udubula. Wathi nje engakahlali phansi, umzuzwana nje noma emibili, kwaze kwasukuma oyedwa emsamo futhi unikeza incazo.

⁵⁵ Futhi ngama, kulokho akushoyo. Futhi ngathi endodeni, “Uyayazi lendoda na?”

Wathi, “Qhabo, mnumzane.” Futhi wathi . . .

Ngathi, “Ufike kanjani lapha na?”

⁵⁶ Wathi, “Abantu engibasebenzelayo, ubese . . . ubelapha kulobubusuku, futhi bangilethile.” Iyi . . . yayikhawa.

Ngase ngithi, “Wenzani wena na?” Yathi . . . “Uyayazi na?”

⁵⁷ Yathi, “Qhabo, mnumzane. Angikaze ngiyibone.”

⁵⁸ Ngase ngithi, “Uyini wena na?” Futhi wayengu—ngumhwebi edolobheni.

⁵⁹ Futhi abakushoyo e—e . . . Manje, bengihlala njalo, ngaphambi kokuba ngifunde kangcono, ngangimanqikanqika ngokukhuluma ngezilimi; ngangicabanga ukuthi inqwaba yakho kwakuyinyama, futhi kungahle kube njalo. Kodwa ngenkathi kushiwo lokhu, leyoncazo yayiyiyo impela iNgelosi yeNkosi eyayisho ezansi emfuleni, iminyaka eyishumi nanye ngaphambi kwalokho, “NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukufika kokuqala kukaKristu, wena uthunyelwa ukwandulela okwesibili.” Niyabo?

⁶⁰ Futhi kwakulapho, ngenkathi leyoNgelosi, lokho kuKhanya okukhonjwe ngokucacile. Ngakho kokubili ngebandla, ngeZwi, ngesayanse, nakho konke, kukukhombile. Lokho kuKhanya, okokuqala ukuba Kubonakale emphakathini, kumi khona impela ngaphezu kwalapho engangikhona; cishe ngelesibili nqo ntambama, onyaweni lwebhuloho khona lapho, khona ezansi lapha onyaweni loMgwaqo uSpring, emanzini. Manje, lokho sekungeminingi, iminyaka eminingi eyedlula. Futhi khona impela Okwakushoyo, kufezekile, kwaze kwayofika ekugcineni.

⁶¹ Lomfowethu lapha ubengitshela, kulokhu ukusa. Ushade intombazane ebandleni lapha, indodakazi kaDadawethu Noyes. Futhi angazi, ngiqagele insizwa . . . Ukhona, Mfowethu Autry na? Angazi. WayengowaseSan Antonio. Angazi noma ukhona noma qhabo. Ubekhona kulokhu ukusa. Futhi ubengitshela. Ngikholwa ukuthi kwakungumkhulu wakhe, ngalowomhlangano, wayekade engonesithuthwane yonke impilo yakhe, futhi walethwa lapho.

⁶² Lowo kwakungowokuQala, ukuqala kwenkonzo, ngenkathi Kusho lokho, nokubona okufihlakele babebeka izandla zabo phezu kwesami, futhi okwakuzoshiwo kwakuyilokho okwakuyikho. Futhi nganitshela, nabaningi bangofakazi kulobubusuku, ukuthi kuyofezeka ukuthi ngiyokwazi yona impela imfihlo yenhliziyoyabo. Niyakukhumbula lokho, ngaphambi kokuba kuze kwenzeke na? Cishe eminyakeni emihlanu noma eyisithupha kamuva, lokho kwenzeka; phakathi enhla eCanada, kungokokuqala, nalokho kwenzeka. Wayesethike, “Uma uyoqhubeka nokuba-qotho, kuyolokhu kuqhubeka nje.” Futhi manje into yesiThathu yenzekile, niyabo, kulokhu kuqhubeka njalo nje.

⁶³ Futhi wathi uyise waletswa emgqeni, futhi watshelwa ngalesisithuthwane, nokunjalo, nomkhuleko wakhulekelwa yena. Futhi lokho sekube yiminyaka eyishumi nesithupha eyedlula, ngicabanga ukuthi kuyikho, cishe eyishumi nesithupha noma iminyaka eyishumi nesikhombisa eyedlula. Futhi uthi asikaze simbambe kusukela lapho. Futhi usethi akasondele impela eminyakeni engamashumi ayisishayagalombilinanhlanu ubudala, futhi asikaze simbambe kusukela lapho. Kuyini na? “UJesu Kristu nguyezizolo, namuhla, naphakade.”

⁶⁴ UMargie Morgan ukhona endlini na? Udadewethu Margie Morgan, inenekazi elalidliwe umdlavuzayo; unesi. Bangaki omkhumbulayo uDadewethu Morgan na? Uma ekhona, angekwazi ukungena. Wayenesa. Niyabo, ohlwini lomdlavuzayo eLouisville, owesifazane cishe iminyaka eyishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa afa, ohlwini lomdlavuzayo eLouisville.

⁶⁵ Ngenkathi uJim Tom Robertson, ummeli, ummeli ongumKristu, wezwa ngakho, waya eSibhedlela samaBaptisti, ukuyohlola nokubona ukuthi kwakuyiqiniso yini, ngoba uyise usebhodini, umphatheli eSibhedlela samaBaptisti. Futhi balihlola udaba, nowesifazane wayefanele ngabe sewafa, eminyakeni eyedlula. Futhi uyanesa lapha eJeffersonville, esibhedlela. Ngenkathi ema khona lapha, lapho okwakudingeka ukuba bamqokule, engekho ngisho nasemqondweni wakhe. Kodwa kwakungu ISHO KANJE INKOSI, futhi uyaphila. Wahamba wayonesa, eLouisville.

⁶⁶ Nomfo ezansi lapha, endaweni kaSchimpff Candy. Ukhona uMnu. Schimpff kulobubusuku na? Ngithanda ukuba akuxoxe, uma ekhona. USonny Schimpff, indoda enkulu ephilile. Izikhathi eziningi ngenkathi ngangivamise uku. . .

⁶⁷ Ngiyakuzonda ukusho lokhu, kodwa kuyiqiniso. Ubaba wayevamise ukungipha usheleni uma ngisebenze iviki lonke, futhi ngangifika edolobheni ngifike ngipake ibhayisikili lami ngasendaweni kaMfowethu Mike Egan, omunye wabaphatheli lapha. NoJimmy Poole, ngicabanga ukuthi indodana yakhe ikhona kulobubusuku; uJim nami, noEarnest Fisher, futhi

sasiyaye sehle ngedolobha, futhi siye esithombeni ngozuka, futhi sasivamise ukubuka izithombe ezindala ezinganyakazi. Sasingabantwanyana, futhi sasifuna, cishe isishiyagalombili, iminyaka eyishumi ubudala. Sasinalowo William S. Hart. Abanengi benu bafo animkhumbuli, umdlali omdala wasesiteji. Izithombe ezinganyakazi; futhi ngangingakwazi ukufunda. Ngangibuka nje okwakwenzeka. Futhi kwakuvele kupelishe amagama onke, futhi ngangehluleka, kodwa ngangibuka lokho ayekwenza.

⁶⁸ Ngangiba nomunye uzuka eceleni. Futhi bangaki okhumbulayo uthenga ikhoni ka-ayisikhilimu ngopeni na? Kulungile. Ngangithenga amakhoni amathathu ka-ayisikhilimu, namaswidi abomvu akhakhayo abiza openi ababili. Ngangingakwazi ukubamba ikhoni ka-ayisikhilimu, ngakho ngangivele ngiwadle. Bese ngizithengela amaswidi abomvu akhakhayo abiza openi ababili, kwakucishe impela kube nguhhafu wephawondi walezozinto. NabakwaSchimpff babewenza. Futhi ngangihamba ngingene lapho, futhi ngihlale ngiqethuke ngibuke u William S. Hart.

⁶⁹ Nalomfo omncane, othe ukubamdadlana kunami, eshaywe phansi yisifo, owedluliswa ngodokotela abahlanu abaziwayo abayizipesheli baseLouisville bamedlula, esinda cishe amaphawondi angamashumi amane-nanhlano, futhi wayefa. UNkk. Morgan wayemnesa. Futhi wayesesimweni esinjalo! Wayenezinto eziningi kakhulu; amaphaphu akhe ayengasekho, umphimbo wakhe wawungasekho. Izingalo zakhe ezincane zase zicishe zibe nkulu *kangaka* ndawo zonke, futhi wayelele lapho, efa.

⁷⁰ NoNkk. Morgan waqashwa ukuba eze emsebenzini. Ngakho wathi kuye, “Ngake ngaba yisiguli esinomdlavuzo,” futhi waqala ukumtshela.

⁷¹ Wathi, “Uthe ubani, uBilly Branham? Ngani,” wathi, “Ngimdayisele omningi uswidi obomvu oyisixheke okhakhayo namakhoni ka-ayisikhilimu.” Wathi, “Angazi noma uzoza yini azongikhulekela na?” Futhi ngahamba ngaya ngaleya ukuyokhulekela uJunie Schimpff.

⁷² Futhi manje uma ungathanda ukukhuluma naye, kukuSwidi kaSchimpff ezansi lapha, emnyangweni olandelayo impela, noma emnyangweni wesibili usuka enkundleni iThiyetha iLeRose, ezansi nomgwaqo. USwidi kaSchimpff, nonke lapha niyazi ukuthi lokho kukuphi. He, ngesinye sesakhiwo esidala kunazo zonke eJeffersonville.

⁷³ Futhi esalele lapho, efa, nodokotela abahlanu abayizipesheli bethi nje uzophila amahora. Kwakungu ISHO KANJE INKOSI, “Awuzukufa; kodwa uzophinda ungidayisele amaswidi abomvu akhakhayo, ngale kwekhawunta.” Kude . . .

⁷⁴ Ngangazi waphila, kodwa kwase kuyisikhathi eside ngakukhohlwa lokho. Nonkosikazi nami ngangehla ngiyothenga uswidi, ngenkathi sifika lapha ngoKhisimuzi. Futhi kanjani, angazi, ukuba size sicabange ngesikaSchimpff. Imbangela, ngokwejwayelekile, siya ngapha kwenye yalamakhemisi futhi siwucaphune, kodwa sama phambi kwesikaSchimpff.

⁷⁵ Ngenkathi ngingena, udadewabo wabuka, wayesethi, “Awu, Mfowethu Branham.” Wathi, “Uyakhumbula uJunie?”

⁷⁶ Ngathi, “Yebo.” Futhi lapho, omkhulukazi, onamandla, umfo obukeka ephilile.

⁷⁷ Futhi ngahamba ngengama ikhawunta, ngayibuka, ngabuka phansi *kanje*. Ngathi, “Ngizothatha iphawondi lalawomaswidi abomvu akhakhayo.”

⁷⁸ Wayesethi, “Yebo, mnumzane.” Ngakho, udadewabo wayelindele umkami. Futhi, ngakho, wawakhipha.

⁷⁹ Ngase ngithi, “Ngangivamise ukuwadla, kudala, ngapha esithombeni”; ngilokhu ngigobisa ikhanda lami.

Wayesethi, “Ya,” wathi, “abaningi babantwanyana bathenga lowo.” “Basathenga,” ngasho.

Wathi, “Ubaba wami wawenza lowo, wawenza ngaleyondlela.” Ngathi, “Ngiwathanda ngempela.”

⁸⁰ Manje, emva kokuba esewalungisile onke futhi unginikeza wona, wathi, “Kukhona okunye?”

Ngase ngithi, “Angazi,” ngase ngiphakama. O, he! Wathi, “Mfowethu Branham!”

⁸¹ Ngathi, “Nanka amaswidi abomvu akhakhayo, lawo, engakutshela, ‘ISHO KANJE INKOSI,’ cishe eminyakeni emihlanu eyedlula.”

⁸² Wathi, “Mfowethu Branham, sengiphilisiwe ngokuphelele, akusekho ngisho nokukodwa okwenzekayo. Kuthi ukuba lukhunyana kancane nje ukuthi ngizwe endlebeni eyodwa.” Ngiqangele ulapha emashumini amahlanu. Wathi, “Kuthi ukuba lukhunyana kancane nje ukuba ngizwe endlebeni eyodwa, ngoba banginika okuningi kakhulu kokwelapha izifo zonke ngenkathi ngiphakathi lapho.” Umusa omangalisayo kaJesu Kristu!

⁸³ Manje anginaso isikhathi esiningi manje ukusho okunye, kodwa ngi—ngi—ngifuna ukwenza lesisitatimende.

⁸⁴ Bangaki kokhumbula ngezingwejeje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. Lowo kwakungumBhalo odidanayo, empilweni yami, ukuthi a—angikuqondanga neze lokho.

⁸⁵ Futhi kwakukhona omunye owawungidida, lokho kwakungenkathi uMose ekwazi ukutshela uNkulunkulu indlela engcono kunoNkulunkulu owayazi ukuthi noma yini yenziwa kanjani, ngenkathi uMose ethi, “Abantu bazothi, ‘UNkulunkulu

wenu wakwazi ukunikhipha, kodwa akangakwazi ukunigcina,” noMose waziphosa esikhaleni. Kwase kuthi kamuva ngathola ukuthi, uMose, lowo kwakunguKristu ekuMose, emela abantu. Niyabo?

⁸⁶ Ngakho-ke kulomBhalo, engangingeke neze ngishumayele ngawo, “Uma nithi kulentaba, ‘Nqukuleka.’” Futhi niyayazi indaba, ngakho ngizokwedlula lokho. Manje, ngangazi kancane ukuthi lokho kwakuholela kukuphi. Futhi ngicabanga ukuthi uMfowethu Wood noMfowethu Fred, nabo, bakhona lapha endlini, owayekhona ngenkathi lokho kwenzeka, kumbe emva nje kokuba kwenzekile lapho.

⁸⁷ NoMfowethu Rodney noMfowethu Charlie, basezansi eKentucky, umfowabo kaDadawethu Wood nabo wayekhona ngenkathi kwenzeka ezansi eKentucky, okwakungokwesibili ukuthi kwenzeka. Kalula nje kukhulunywa into ibekhona, izinto ebingekho. Niyabo? Kukhulunywa, ngaso sonke isikhathi, futhi kusekelwa imiBhalo, kukhuthaza.

⁸⁸ Isikhathi sesithathu okwenzeka ngaso kwakunguHattie Wright. Ukhona uHattie kulobubusuku na? Lowo okaEdith... Bangaki owazi uHattie Wright na? UMfowethu Wood nami sasihlezi lapho ngenkathi kwenzeka, futhi ngenkathi uMoya oNgcwele uthi, “Mnike akufunayo,” futhi sasikhuluma ngalokho, ukuthi lezozingwejeje zabakhona kanjani.

⁸⁹ Futhi ngathi, “Ngabe, into kuphela okuyiyo, UnguJehova-Jira. Lapho nje uAbrahama edinga inqama, uNkulunkulu wayihlinzekela leyonqama. Futhi Wahlinzekela izingwejeje. Angakhuluma nje ingwejeje ibekhona, ngoba Ungumdali, ngokufanayo nje njengoba Wayekwazi ukukhuluma kubekhona inqama. UAbrahama akazange ayicele. Wayeqhubeka nje kuphela eyokwenza, kodwa kwakhombisa ukuthi uJehova-Jira wayelapho.”

⁹⁰ Ngenkathi ngisho lokho, owesifazane omncane ozithobile...Kungokokuqala ukuba lokhu kuze kwenzeke, uMdonso wesiThathu, phezu kwesidalwa esingumuntu, kwakungomncane, owesifazane ozithobileyo.

⁹¹ Lowo, enza cishe amadola angamakhulu amabili ngonyaka, ukuba aziphilise, konke wayekuthola epulazini lakhe elincane. Umyeni wakhe sewashona; abantwana ababili ababethe ukuba yimidlwembe. Futhi ufika futhi wanikela ngamadola angamashumi amabili, aleyo, ekwakhiweni kwaleliTabernakele. NoMeda wayenginike imali ngalokho kusa yegrosa, amadola angamashumi amabili, futhi ngangizoyibuyisela kuye ngalolosuku, ngisesezansi lapho, ukuze angayikhokhi. Kodwa akayithathanga. Futhi lapho... .

⁹² Wayehlezi emuva ekhoneni, futhi ngenkathi ngithi, “Into kuphela engiyaziyo, ngukuthi, Usenguye uJehova-Jira.”

⁹³ NoHattie omncane washo izwi elifanele. Wathi, “Lelo yiQiniso lodwa.”

⁹⁴ Futhi ngenkathi esho lokho, uMfowethu Banks Wood lapha nguye owayekhona, lelokamelo lezwakala sengathi liyehlukana. NoMoya oNgcwele wathi, iPhimbo elifanayo elakhuluma mayelana nezingwejeje, lathi, “Mnike akucelayo.”

⁹⁵ Ngase ngithi, “Dadewethu Hattie, njengofakazi phambi kukaNkulunkulu, nakhu. Manje, uma kukhona noma yikuphi ukungabaza engqondweni yakho, cela okufunayo, futhi uma kungabekwa emathangeni akho, kusho ukuthike ngingumprofethi wamanga.”

⁹⁶ Wathi, “Mfowethu Branham.” Wonke umuntu wayekhala. Wathi, “Ngizocelani?”

⁹⁷ Ngathi, “Umpofu, futhi uhlala emagqumeni laphaya, ungenamali; ungakucela lokho. Unomncane, udade okhubazekile ohlezi lapha, uEdith, esamkhulekelayo, iminyaka; ungacela ukuba aphiliswe.” Ngathi, “Uyihlo nonyoko usemdala futhi usevithizekile; ungabacelela. Noma yini oyicelayo, Dadewethu Hattie, bona manje ukuthi kuyenzeka yini noma qha, khona manje.” Futhi ngathi, “Usanda kungitshela nje, iPhimbo elifanayo, lathi, ‘Mnike akucelayo.’”

⁹⁸ Futhi waqalaza, wathi, “Ngizothini, Mfowethu Branham?”

⁹⁹ Ngathi, “Shono ukuthi isifiso sakho siyini. Cabanga ngesifiso sakho esikhulu kunazo zonke, futhi usisho.”

¹⁰⁰ Nabafana bakhe wayegigitheka ngisho futhi ehleka. Futhi wathi, “Isifiso esikhulu kunazo zonke enginaso ngukusindiswa kwamadodana ami amabili.”

¹⁰¹ Ngathi, “Ngibanikela kuwe, eGameni likaJesu Kristu,” futhi baya lapho.

¹⁰² Futhi kade bethembekile kulelibandla, ngesidlo, labo bafo abancane behlezi lapho begezana izinyawo namadoda, nezinto kanjalo. Sonke singufakazi walokho.

¹⁰³ Waba nokukhetha kwangempela. Unina uzofa, kanjalo naye, bonke. Kodwa akucelayo kuyoba Phakade, nokusindiswa kwabantwana bakhe. Lokho kwase kungokwesithathu ukuba kwenzeke.

¹⁰⁴ Okwesine kwenzeka, ngisanda kukuchaza lapha okokugcina ngilapha, kwakuphezulu entabeni lapho lesosiphepho sidlanga. Bangaki abakuzwayo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] O, nonke. Kulungile. Lapho isiphepho sidlanga. NoNkulunkulu enguMahluleli wami emi lapha, ngehla entabeni lapho . . .

¹⁰⁵ UDavid Wood, ukhona lapha ndawo ndawo, ngiqagele, lowo owangenzela isamishi, futhi lalimnandi ngempela! Ngicabanga ukuthi wayezama ngisho ukungifika ngalelo engalenzela uyise, eminyakeni embalwa edlule. Wayenesoseji, ne—nenyama

nayoyonke into kuxutshwe ndawonye. Futhi ngalifaka eyembeni lami, futhi lanetha, futhi lavele nje laba nje ngesikhulu isigaxa senamfunamfu.

¹⁰⁶ Futhi ngangehla entabeni. Lalinesiphepho kakhulu, ngangingakwazi ngisho ukubona isandla sami phambi kwami, cishe. Futhi ngiyazi, into eyodwa nje, uyajikiswa, ngoba lowomoya uyavunguza nje.

Manje nampo ofakazi lapha, kulokho.

¹⁰⁷ Omunye wabo ngomunye wabadikoni bakithi abathembekile, onguMfowethu Wheeler. Ukhona, Mfowethu Wheeler na? Ukuphi na? Ya, khona lapha, uMfowethu Wheeler.

¹⁰⁸ UMfowethu Mann, umshumayeli waseMethodisti ovela eNew Albany. Ngabe u, uMfowethu Mann, ukhona kulobubusuku na? Angazi noma ukhona noma qha.

¹⁰⁹ Mfowethu Banks Wood. Ukhona, Mfowethu Banks? Usekamelweni lokuqophela. Kulungile. No—noDavid Wood.

¹¹⁰ NoMfowethu Evans wayekhona, ngiyakholwa. Kunjalo, Mfowethu Evans na? UMfowethu Evans, emi encike obondeni, wayekhona.

¹¹¹ Nokuthi babekade bekusakaze kanjani izinsuku, izinsuku ezimbili ngaphambi kwalokho, “Isiphepho esikhulu seqhwa esinamandla sasishanela izwe.”

¹¹² UMfowethu Tom Simpson ukhona kulobubusuku. Ngenkathi ehla evela eCanada, bamcela ukuba edlule lapho ngoba wayengakwazi ukwedlula, “Kwakuza isiphepho esikhulu seqhwa.” Mfowethu Tom, ukhona na? Ukuphi na? Nangu, ehlezi khona lapha.

Futhi nanko amafu ekhuphuka. Futhi ngathi, “Bazalwane...”

¹¹³ Wonke umuntu waphuthuma waphuma. Kwakungekho-muntu emuva lapho, ekhulwini nento lwendoda emuva lapho, kwakungekho-muntu emuva lapho kodwa iqembu lethu elincane nekhawa, umgibeli. Futhi sasizohlala.

¹¹⁴ Ngabiza uDadewethu Evans, futhi ngathi akabize unkosikazi futhi amtshele ukuba atshele uTony, “Uma ngingaphumanga, athole omunye umuntu ukuba abambe ukudla kwasekuseni kweBusiness Men.”

¹¹⁵ Futhi phezulu entabeni ngalelo—lelolanga, ngathi, “Manje uma ku, kuqala imvula encane iyaqala, kumbe noma yini, kuyiwe enkanjini.” Ngathi, “Phakathi kwemizuzu eyishumi noma eyishumi nesihlanu ngeke nisazibona izandla zenu phambi kwenu, ngenkathi lezoziphepho ezinkulu zeqhwa... futhi siyowisa iqhwa elingamafidi angamashumi amabili ngesikhashanyana nje, phezu kwentaba.”

116 Futhi yingakho abantu, nikufundile ephepheni, bakanjani emuva lapho futhi bebhubha, nakho konke. Kodwa sasazi ukuthi kuphunywa kanjani, futhi babazi ukuthi sasikuphi, futhi ngakho sezwa siholeleka ukuba sihlale.

117 Futhi ngakho phezulu entabeni, ngenkathi kuqala lesosiphepho esikhulu seqhwa, ngaqala ngehla. Futhi ngase ngikuhhafu wemayela ukusuka lapho ngiqale khona, nePhimbo likaNkulunkulu lathi, “Jika ubuyele emuva.”

118 Ngase ngibuyela emuva njengoba Engitshelile, emva kokulinda isikhashana futhi ngidla lelosamishi engangilnikwa uDavid, futhi ngabuyela phezulu lapho ngase ngihlala phansi.

119 Futhi ngisahlezi lapho, nalowomoya usonta futhi uvunguva, izicongo zezihlahla ziyenda, nemvula ekhemezelayo neqhwa kundiza kanjalo, iPhimbo lathi, “NginguNkulunkulu wokudaliweyo.”

120 Ngabhaka phezulu, ngase ngicabanga, “Bekukuphi lokho na? Lowo bekungumoya, mhlawumbe.”

121 Wathi, “Ngadala amazulu nomhlaba. Ngathulisa imimoya enamandla phezu kwezilwandle,” futhi waqhubeka ekhuluma.

Ngagxuma ngethula isigqoko sami.

122 Futhi Wathi, “Khuluma kuso isiphepho nje, futhi sizonqamuka. Noma yini oyishoyo, yilokho okuzokwenzeka.”

123 Ngase ngithi, “Siphepho, nqamuka. Futhi, langa, wena khanya njengokwejwayelekile izinsuku ezine, size siphume lapha.”

124 Futhi kwathi nje ngingasho lokho, kwaze kwathi imvula ekhemezelayo, iqhwa nakho konke kwama. Ngomzuzwana noma emibili, ilanga elishisayo lalikhanya emhlane wami. Ngayibona imimoya ivunguza *kanje*, ibuyela emuva ivela eNyakatho, yehla. . . Ngiqonde ukuthi ivela eMpumalanga, ivela eMpumalanga. Sasivela eNtshonalanga; imimoya yashintsha futhi yabuyela *ngapha*. Namafu, njengento efiphele, ephakama eyongena emoyeni, nelanga lalikhanya ngemizuzu embalwa.

125 Yase-ke iNkosi uJesu ikhuluma nami kamuvanyana, mayelana nomkami ezansi lapho, njengoba nazi, mayelana nalapho engenyukela khona lapho. Angikaze ngibe sekhaya ngomgubho wesikhumbuzo sosuku lomshado namanje, futhi sesihade iminyaka engamashumi amabili-nambili. Umgubho wokuqala wesikhumbuzo sosuku lomshado, owokuqala, umshado wethu, ngani, ngamthatha saya ohambweni lokuyozingela. Imbangela, ngangingeke ngikwazi ukuthatha uhambo lokuyozingela, no—no—nokuqhubeka siye eholidini labasand’ukushada, futhi, ngakho nga—ngathi ukukuhlanganisa ndawonye. Futhi ngakho, manje-ke, futhi bengizingela selokhu kwasukela kulokho. Ngezwa ukuthi yilendlela engangimphathe ngayo.

Manje, lowo waba ngowesithathu owenzekayo.

¹²⁶ Manje nakhu okuthize engi-ngifuna ukukusho, futhi ngifanele ngikhulume iqiniso ngqo. Ciske eminyakeni eyishumi nesithupha eyedlule ngangiseCalifornia noMfowethu John Sharrit, futhi nganginomhlangano. NoMeda nami, noMfowethu Sharrit noDadewethu Sharrit, nabo, sasihlezi ehhotela. Nendoda ethiwa uPaul Melikian, owama khona lapha kuleliTabernakele isikhathi esiningi; uyisicebi esingu-Armenian. Nomkakhe wayezale umntwana enhla eFresno, eCalifornia, lapho ababehlala khona; futhi wayehla, wehlisa umkakhe, futhi wangibiza ehhotela, wayesethi, “Ngingamkhuphula umkami, Mfowethu Branham?”

Ngathi, “Yebo, ungakwenza.” Ngosuku olulandelayo, ngangiya eCatalina.

¹²⁷ Ngakho wamkhuphula umkakhe, nenekazi laligula kakhulu! Futhi labuka... Ngathi, “Beka isandla sakho kwesami, Dadewethu Melikian,” ngathi, “sizobona uma iNkosi izositshela.” Futhi kwathi masinya nje angabeka izandla zakhe phezu kwami, ngathi, “O, ngubuhlungu bokuvuvukala kwemilenze.”

Wathi, “Angibonakali nginezimpawu zesifo.”

¹²⁸ Ngathi, “Bhekisisa.” Ezinsukwini ezimbili, babelinyangela ubuhlungu bokuvuvukala kwemilenze.

¹²⁹ NjengoJimmy Poole omncane lapha, inganyana yakhe. Ngolunye usuku ingena nalokho kuhlaselwa yinhliziyoyi, bacabanga, futhi kwakungukuhlasela kwesifo sofuba. Futhi ngabeka isandla sami phezu kwayo. Ngathi, “Ibhekisise izinsuku ezithi azibe mbili; inesimungumungwane. Siyaqubuka. Yimfiva.” Ngihlangane naye izolo ebusuku. Uthe ithe phihli, yonke indawo, yisimungumungwane. Niyabo?

¹³⁰ Manje, bengikhuluma noDadewethu Melikian, mayelana nesandla. Wathi, “Leyo yinto emangalisayo, ukubhekisisa lokho, Mfowethu Branham.” Wathi, “Ngabe lokho kusebenza kuzo zonke izandla?”

¹³¹ Ngathi, “Awu, uma kukhona okungalungile esigulini.” Ngathi, “Manje lapha, ngizobeka isandla sami ngaphezulu,” abaningi benu bama bakubhekisisa, futhi asikwenzanga. Ngathi, “Nakhu, akukho lutho olungalungile kumkami, ebeka isandla sakhe...”

¹³² “Buka lapha, s’thandwa, beka isandla sakho kwesami.” Uhlezi lapho, umkami. Wabeka isandla sakhe kwesami. Kwathi nje kungenzeka, ngathi, “Unesikhwanyana esinobomvu esikhulayo esizalweni sangakwesokunxele. Unenkathazo yabesifazane.”

Futhi wathi, “Angizwa lutho okwehlukile.”

¹³³ Ngathi, “Kodwa unaso.” UBecky wayeneminyaka emibili ubudala. Indodakazi yami kade idlala nje, esikhashaneni esedlule, yayineminyaka emibili ubudala.

¹³⁴ Eminye iminyaka emibili, kufika uSara enkundleni, futhi lapho...Wayezalwe ngokuhlinzwa. Futhi ngacela uDokotela Dillman, udokotela wethu ezansi e—eCorydon, ukuthi, “Uma usumvula, ubheke kulesosizalo sangakwesokunxele,” futhi wakwenza.

Wathi, “Akukho lutho olungalungile, engalubonayo.” Ngabeka isandla sami; sasisekhona lapho.

¹³⁵ Eminyakeni emine kamuva kufika uJoseph. Ngamcela ukuba abheke futhi. “Akukho lutho olungalungile, njengoba ngibonile.” Ngabeka isandla sami; sasisekhona lapho. Ngakho savele sakhohlwa yikho.

¹³⁶ Manje lena yinto ethize engizofanele ngiyisho. Angithandi ukuyisho, kodwa izofanele nje yenze iqiniso, niyabo, futhi yilokho okufunayo. Njalo khuluma iqiniso, kungenandaba ukuthi kwenzekani.

Kwase kwedlule iminyaka, sasingazange sikuqaphele.

¹³⁷ Futhi ngisho lokhu, hhayi ngoba ehlezi lapho, ngoba ngikusho uma engekho lapho. Futhi niyakwazi lokho. Angikholwa ukuthi bekungabakhona unkosikazi ezweni ongcono kunomkami, futhi ngethemba ukuthi sengathi angahlala engaleyondlela. Futhi ngifuna ukuba ngumyeni othembekileyo, futhi ngethemba ukuthi yonke insizwa ekulendu, uma isishadelwa, ithole unkosikazi onjengonkosikazi wami. Angazi ukuthi kuyoba yisikhathi esingakanani siphila ngaleyondlela, kodwa ngethemba ukuthi zonke izinsuku zethu emhlabeni. Besijabule kakhulu sindawonye. UNkulunkulu kwaba nguye owangitshela ukuba ngimshade.

¹³⁸ Ngesikhathi esifanayo, yena engazi, ngangizama ukungamshadi; hhayi ngoba ngangingamthandi, kodwa ngoba ngangingacabangi ukuthi ngangikwazi ukumondla. Futhi wayengowesifazane obukekayo, futhi nje kwakungangifanele lokho.

¹³⁹ Futhi waphuma wayokhuleka, futhi wavula iBhayibheli. Futhi ngiqagele...Wathi, “Nkosi, angikaze ngikwenze lokhu ngaphambili, kodwa nginike umBhalo ozongisiza. Uma kufanele ngikhohlwe nguye, ngifanele ngikukhohlwe.” Wavula iBhayibheli...

¹⁴⁰ Futhi waphuma wangena eshedeni elincane wakhuleka. Futhi ngenkathi evula iBhayibheli, “Malaki 4. Bhekani, Ngiyathuma kini uElija umprofethi lungaka...” Lokho kwa—lokho kwakuseminyakeni engamashumi amabili nento edlule, engazi lutho ngenkonzo yalolusuku. Futhi ngangi... kwakungeke...

141 Ngangilele phansi phezu komfula lapho. Futhi Wangivusa—vusa, ngobunye ubusuku, futhi ngaMuzwa emi lapho ngasemnyango. Wathi, “Hamba umthathe, nomshado wenu uzoba ngalo—Oktoba ozayo, zingamashumi amabili-nantathu.” Futhi yilokho impela engakwenzayo. Futhi sihlale ngokujabula. Ngomusa kaNkulunkulu, asikaze sibe nelilodwa igama. Ubeyisithandwa.

142 Ngelinye ilanga ngiyangena. Futhi wayezofanele akhulise lababantwana eyedwa; mina ngihambile ngisenkonzweni. Ababani abesifazane abangabekezelela lokho; niyakwazi lokho, bangaba nobunzima. Ngase ngiyangena-ke, futhi wayesho into ethize noma okunye. SasinoJoseph emuva lapho, futhi uyi. . . Ungumfana ngempela! Futhi wasiza ekufakeni ezinye zezinwele ezimpunga ekhanda likanina, njengoba nami ngenza. Ngakho wayengumfana ngakho konke, futhi wayenze into embi kabi. Futhi ngathi kuye. . . Wathi kimi, “Bill, mshaye.”

Ngathi, “Anginaso nje isibindi.” Niyabo?

143 Wayesethi, “Yebo, uma wawukubekezelela,” futhi wagaklaza isivalo ebusweni bami ngqo.

144 “Awu,” ngacabanga, “kulungile. Umfo omncane bandla ubengakuqondile lokho.”

145 Ngavele ngaqhubeka nje ngaphuma ngayogeza imoto yami. Futhi sengiphumele lapho, uMoya oNgewele awukuthandanga; Wathi, “Hamba umtshela,” ngikholwa ukuthi yiziKronike zesiBili, isahluko 22. Angimtshelanga. Ngacabanga, kuqala, bengizicabangela nje lokho. Ngaqhubeka nje nokugeza. Futhi Kwaphinda kwakusho futhi, “Hamba umtshela akufunde lokhu.”

146 Futhi ngangena ngase ngithatha iBhayibheli, ngase ngilifunda. Kwakulapho uMo-. . . noma uMiryamu, umphrofethikazi, wahlekisa ngomfowabo, uMose, ngokuganwa yintombazane yaseTiyopiya, noNkulunkulu akakuthandanga. Futhi Wathi, “Bekungecono ukuba uyise amkhafulele ebusweni, kunokuba—kunokuba e—enze lokho.”

147 Ngakho, uMiryamu wangenwa wuchoko, yonke indawo. Futhi ngakho uAroni uyafika, watshela udadewabo, wathi. . . noma ufika watshela umfowabo, wathi, “Uyafa, unochoko.”

148 Futhi ngakho uMose wangena egijima ukuba amncengele, ealtare. Futhi ngenkathi enza, iNsika yoMlilo iyehla, uNkulunkulu. Wathi, “Hamba umbize yena noAroni, ubaethe lapha.” NoAroni wayengene kukho, naye. Ngakho Wathi, “Babize futhi nize lapha.”

149 Wathi, “Uma ekhona phakathi kwenu,” uNkulunkulu ekhuluma manje kubo, “ongowomoya, noma umprofethi, Mina iNkosi Ngizozazisa kuye. Ngiyokhuluma kuye ngemibono, futhi Ngizembule kuye ngamaphupho, futhi—futhi ngembule

amaphupho, kanjalo kanjalo.” Wathi, “Kepha inceku yaMi, uMose, akekho ezweni onjengaye.” Wathi, “Ngikhuluma naye umlomo nomlomo.” Wathi, “Animesabanga uNkulunkulu na?” Niyabo, uNkulunkulu akakuthandanga.

¹⁵⁰ Awu, ngenkathi sengibone lokho, ngangena ngigijima. Futhi wayekwelinye ikamelo. Ngangqongqoza emnyango. Wayezivalele. Futhi ngamtshela ukuthi ngifuna ukukhuluma naye. Futhi ngangena lapho ngase ngikhuluma naye, ngazama ukumtshela ukuthi kwakuyini. Ngathi, “S’thandwa, uyazi ukuthi ngikuthanda kanjani, kodwa uNkulunkulu akakuthandanga lokho. Bekungafanele ukusho lokho.” Masinya emva kwalokho, waba nesifo ngaphakathi ohlangothini lwakhe.

¹⁵¹ Samthatha samwelisela kudokotela lapha eLouisville, uDokotela Artha Schoen, futhi wathola ithumba esizalweni sangakwesokunxele, engangilitholile eminyakeni eyishumi nesihlanu noma eyishumi nesithupha ngaphambili. “Ithumba esizalweni sangakwesokunxele, lithi alibe ngangenhlamvu yewolnati.”

Ngathi, “Uthini ngalo, dokotela?”

¹⁵² Wathi, “Ake sibone ukuthi kwenzekani. Umbuyise futhi ezinyangeni ezimbalwa, cishe izinyanga ezimbili noma okuthize.”

¹⁵³ Samthatha sambuyisela emuva. Lase likhulile, lisuka ekubeni yinhlamvu yewolnati lathi alicishe libe ngangolamula. Wathi, “Kungcono liphume; uma lokho kuthamba futhi kuba isimila.”

¹⁵⁴ Ngase ngithi, “Awu, he,” ngathi, “si—siya eTucson. INkosi ingithume phandle eTucson.”

¹⁵⁵ Wamthumela enhla kudokotela osigogodele isifo sabesifazane; wayengakufuni ezandleni zakhe. Ngakho kufanele ukuthi wamtshela ngenkonzo yami, ngoba u... Udokotela ogogodele isifo sabesifazane sathi, “Lizofanele liphume.” Ngakho wathi... Samtshela ukuthi sasiya e—eTucson. Wathi, “Awu, nginodokotela osigogodele isifo lapho, umngane wami othandekayo. Ngangivame ukuhlala eTucson.” Wathi, “Ngizokuthumela kuye.”

¹⁵⁶ Ngakho wabhala inothi wase elithumela kuye, futhi wathi, “UNkk. Branham uyinenekazi elihle,” futhi waqhubeka kanjalo. Wathi... Wamthumelela isifanekiso esidwetshiwe sokuthi ithumba lalilikhulu kangakanani, nokunjalo. Kwase kujike kwaba yithumba ngaleyonkathi; futhi washo ukuthi lase lilikhulu kangakanani. Futhi wathi, “Ngiyazi...” Niyazi, wayazi ukuthi u... Ngicabanga ukuthi wacabanga, wangibiza ngo “mphilisi kaNkulunkulu.” Yilokho kuphela ayekwazi ukukubeka ngakho. Kodwa wathi, “Ngivumile ukuthi—ukuthi lingaphuma, futhi lifanele. Uma lizokhishwa, likhiphe.”

157 Kodwa kwakuvivinya ukukholwa kwethu. Futhi njalo njalo sasikhuleka. Futhi ngokuya sikhuleka kakhulu, ithumba laliya ngokukhula liba likhulu, laze lafika endaweni lapho khona lase liphumela ngaphandle ohlangothini kuye. Sakugcina buthule; abambalwa abantu lapha babekwazi; sizama ukubona ukuthi kwakuzokwenzekani. Laqhubeka laqhubeka.

Ekugcineni, sengehla ngivela eCanada, lapho engasuka khona. . .

158 INkosi yangivumela ukuba ngiholele lesosizwe samaNdiya kuKristu. Ngibuyela emuva ukuyowabhaphathiza, eGameni leNkosi uJesu, ngaleNtwasahlobo, iNkosi ithanda.

159 Manje, ngehla, futhi kwase kuyisikhathi sakhe ukuba ahambe, ngenkathi ngiseNew York. . . noma ezansi lapha ukuba abe nokunye uku opera- . . . ukuba abe nokuhlinzwa, noma ahlolwe okokugcina. Ngaqhubekela eNew York. Futhi ngenkathi sengibuya, ngama phakathi lapha, futhi ngenyuka. . . Emva kokuba ngibe nomhlangano lapha, umhlangano wokugcina, ngenyukela lapho futhi ngamshayela ucingo ekwaMfowethu Wood.

160 Futhi wathi, “Bill, angikwazi ngisho ukumela izingubo zami ukuba zilithinte.” Lase nje liphume kakhulu *kanje* kuye ohlangothini ngaleyonkathi. Nomlenze wakhe ngakulolohlangothi, wayehamba exhuga nje, neviki elalilibi kunawo onke ake aba nawo. Manje uhlezi lapho, ungilalele. Iviki elibi kunawo onke ake aba nawo. Wayesethi, “Kufanele ngihambe, phambi kwakusasa, ngiye kulokho kuhlolwa.”

161 Ngacabanga, “O Nkulunkulu, uma belikwapuluta, lokho kuzosivimbela singayi ekhaya ngoKhisimuzi, futhi sengibatshelele abantu ukuthi ngizoba khona.” Ngase ngithi, “Isikhathi esinje pho! O, he!” Ngacabanga.

162 “Umtshele, uma ezohlinza, awu, ‘Ake uthi ukukuqhubekisa kancane, kuze kube semva kaKhisimuzi.’”

163 Ngase ngicabanga-ke, “Kungahle kube yisimila.” Futhi ngemuva *ngapha*, niyazi, leyo yinto embi, kugijima kubuyele emuva kungene ezinsweni. Uma kuqondile, kuhamba isimila, sizokubulala. Ngakho ngase ngicabanga-ke, “Ngingenzenjani na?”

NoMeda wathi, “Awu, manje, uyangibiza,” washo.

164 Usuku engafika ngalo eShreveport, okwakungaba wusuku emva kwalokho, ngenkathi ngifika eShreveport, wayefanele aye kohlolwa. Futhi ngakho waya kwa. . . UNkk. Norman wayehamba, uDadewethu Norman; nonke niyamazi, abantu oza lapha eTabernakele. Wayehamba naye, beya nakulesisipesheli. Futhi ngakho wathi, “Linda uze ube nobusuku bakho bokuqala, e—e. . . bese-ke uyabuya.” Isizathu, umehluko, amahora amabili

ngesikhathi. “Bese unghishayela ucingo uma ubuya, emva komhlangano, ngizokutshela ukuthi ngizokwenzani.”

Ngase ngithi, “Kulungile.” Ngakho, ngaqhubeka.

¹⁶⁵ Futhi ngakusasa ekuseni, ngingakasuki, ngangizolanda uBilly noLoyce. Bobabili bahlezi bakhona. Futhi njalo . . .

¹⁶⁶ Sasinesitulo esidala lapho uMfowethu Palmer asimbozele sona, lapha esikhathini esingese esedlule, futhi njalo sizungeza lesositulo futhi sikhuleke, noma nini uma si . . . O, uOttoman, kanjalo, niyazi, isenabelo sezinyawo. Noma nini uma sizungeze lapho futhi sikhuleke, uma ngiya emhlanganweni, sicela uNkulunkulu ukuba asisize.

¹⁶⁷ Futhi ngangikade ngisenhla lapho, izinsuku ezithi azibembili, futhi ngangi—nganginesizungu. Indlu; abantwana sebehambile, naye esehambile. Niyazi, abaningi benu bayazi ngake ngedlula kulokho ngesinye isikhathi, ngibuyele endlini engenalutho; kuphela, ngamngcwaba lowonkosikazi, uHope. Futhi manje sekubuyile konke futhi. Futhi ngaguqa phansi, ngacabanga, “Awu, ngizokhuleka bese-ke ngilanda uBilly noLoyce, bese ngiqhubeka.”

¹⁶⁸ Ngakho ngaguqa ukuba ngikhuleke, ngathi, “Nkosi, ngiyabakhumbula namhlanje ekuseni, khona lapha.” Ngathi, “Ngikhulekela ukuthi Uzobasiza futhi ubabusise. Kwangathi singabuyela kulendawo futhi. Futhi manje,” ngathi, “baphandle lapho ngenxa yokuthi Wangithumela lapho ngombono, futhi Wakugewalisa. Manje ngifuna ukulinda, ukubona ukuthi yini Ozongitshela yona ukuba ngiyenze elandelayo.” Ngathi, “Ngikhulekela . . . Mhawukele.” Futhi ngathi, “Ngisize emhlanganweni ezansi lapho.” Ngase-ke ngiqhubeka . . . Ngathi, “Nkosi, ungavumi kube isimila. Futhi vumela lowodokotela alinde kuze kube semva kolokuqala lonyaka, ukulikhapha. Ngi—ngiyakuzonda nje ukumbona . . .”

¹⁶⁹ Ngathi, “Nkosi, wayengakuqondile lokho akwenzayo ngalokho kusa. Wayengaqonde khona lokho.” Ngathi, “Nkosi, akakaze nakanye asho nelilodwa izwi ngami ngiya emhlanganweni, ngihlala izinyanga, kumbe noma kwakuyini. Akakaze nakanye avule umlomo wakhe ngakho. Ubengithumelela njalo izingubo zami kwabaklinayo, futhi wawasha amayembe ami, futhi alungise yonke into yokuba ngiye emhlanganweni. Manje-ke, akazi ukuthi angamkhonza kanjani uNkulunkulu.”

¹⁷⁰ Nina besifazane, njengoba nikhonza abayeni benu, nikhonza uNkulunkulu, kusobala.

¹⁷¹ “Futhi manje, bese kuthi-ke uma ngingena, ngikhathele konke futhi ngikhandlekile, abantu bevela ndawo zonke. Ngiphume ngiye ndawo ndawo ohambweni lokuyodoba, noma uhambo lokuyozingela. Ngani, abesifazane abaningi bebeyoqhuma kulokho. Ubenzani yena na? Angilungiselele

izingubo zami zokuyozingela ukuba ngihambe; angidedele ngihambe.” Ngathi, “Nkosi, wayengakuqondile lokho.” Ngase ngithi, “Wake wavulwa ngokusikwa kathathu, ngenxa yokuthi wayebeletha ngokuhlinzwa.” Ngase ngithi ngi . . . “Nkosi, ngi—ngiyakuzonda ukumbona ezodingeka ukuthi akwenze futhi.”

¹⁷² Kwase kuthi-nje ngaleyonkathi ngezwa into ethize ekamelweni. Ngabheka phezulu. NePhimbo lathi, “Sukuma.” Lathi, “Manje noma yini oyishoyo, yileyo ndlela okuzoba ngayo.”

¹⁷³ Ngalinda umzuzu nje. Ngathi, “Ngaphambi kokuba isandla sikadokotela sizomthinta, isandla sikaNkulunkulu sizosusa ithumba, futhi ngeke lize litholakale ngisho.”

¹⁷⁴ Lokho kwakuxazulula, kimi. Angizange ngimfonele. Saqhubeka nje, sahamba salanda uBilly noLoyce, sase siya eShreveport.

¹⁷⁵ Ngobusuku obulandelayo ngamshayela ucingo. Wayejabule. Wathi, “Bill, ngifuna ukukutshela!”

¹⁷⁶ Manje nangu, futhi angakuqinisa lokhu. Wayexhuga endleleni eya laphaya; wangena ekamelweni nonesi noNkk. Norman, bamemgqokisa izingubo ze . . . igawuni, ukuba ahlolwe. Udokotela waphuma, futhi kwakunzima ukuba akhwele etafuleni; ithumba lilenga phezulu lapho, lilikhulu kakhulu. Futhi lapho e . . . Udokotela uyangena futhi wayekhuluma naye. Futhi weza ngapha, ukuba aphakamise ishidi ukuba amthinte, futhi, ngaphambi kokuba amthinte nje, lasuka.

¹⁷⁷ Nodokotela akazanga ukuthi lalingakuliphi icala. Wathi, “Awulinde kancane!” Enomfanekiso odwetshiwe nazo zonke izithombe, nakho konke okunye, akatholanga ngisho umkhondo owodwa walo. Wamhlola, ephindaphinda. Wathi, “Ngingahle ngingakwazi ukukuchaza, kodwa, Nkk. Branham, lelothumba alikho lapho.” Futhi akakaze abe nolulodwa uphawu lwalo, kusukela lapho.

¹⁷⁸ Kwakuyini na? Qaphelani, ngayo impela nje indlela Okwashi ngayo, “Ngaphambi kokuba isandla sikadokotela simthinte.” Ukwehlukana ngomzuzwana owodwa, nesandla sakhe sasiyobe sesilithintile. Liphelele kanjani iZwi leNkosi!

¹⁷⁹ Manje, nango umkami, futhi sobabili siphambi kukaNkulunkulu. Kodwa ngaphambi kokuba isandla sikadokotela size sikwazi ngisho ukuthinta umzimba wakhe, emgwaqeni eza kuye kanjalo, kukhona okwenzekayo, ithumba lasuka. Futhi abalitholanga, wa—wathi . . . Ngikholwa ukuthi kwabanjalo, akubanganjalo, s’thandwa na? “Ngifuna ukukuqinisekisa, Nkk. Branham,” (Kunjalo, indlela akusho ngayo na? Kunjalo.) “ukuthi lelothumba alikho lapho. Awunathumba.”

¹⁸⁰ Kwakuyini na? Ngakho impela okweZwi leNkosi, lokho kwaku...?....Amen. Leso yisikhathi sesihlanu. Isihlanu yinombolo yomusa, inombolo yo k-h-o-l-o, futhi.

¹⁸¹ Akusekho okunye ukungabaza engqondweni yami. Ngiyazi ukuthi uMdonso wesiThathu ukhona, futhi ngiyazi ukuthi wenzani. Manje hloniphani, hlalani nithule nje, ihora lizofika masinya lapho uNkulunkulu ezosenzela khona izinto ezithize ezinkulu.

Manje asikhothamise amakhanda ethu okwezwi lomkhuleko.

¹⁸² Nkosi Jesu, ngikubonile phezu kwabanye abantu, kodwa lapho kufika kunkosikazi wami uqobo oyigugu, kwakusekhaya lami, ngaleyonkathi, Nkosi. Ngakubuka ngamehlo ami uqobo, ngakuzwa ngezami izandla uqobo. Futhi nga...fif-...iminyaka eyishumi nesithupha ngaphambi kwalokho, kwathi futhi, Nkosi, kwaziwa futhi kwembulwa nguWe. Uma kukhulunywa noma yini, kufanele kwenziwe. Wawungikhombisa, Nkosi, ngaleyonkathi, ukuthi, ukwethemba kwami kulokho Owawukwenzele abantu, futhi ungazise, ukuze ngibasize. Wakwenza kwafezeka ekhaya lami uqobo. Lowo kwakunguMdonso wokuQala. Futhi manje uMdonso wesiThathu waqinisa uMdonso wokuQala.

¹⁸³ Siyabonga, Baba. Sithethelele emaphutheni ethu. Singabantu abancane. Asifundile, cishe, abantu abangakwazi ukufunda okubhaliwe. Kodwa siyabonga kakhulu ukuthi sinoNkulunkulu omkhulu ongumninimandla onke Osiqaphayo nosinakekelayo, ngoba asazi ukuthi singazinakekela kanjani. Sizinikela kuWe.

¹⁸⁴ Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzongisiza. NakuloMdonso wesiThathu, kwangathi, O Nkosi, njengoba Ubukhuluma eminyakeni ethi ayibe-mibili edlule mayelana nawo, ukukhombisa e...ukumaka ezintabeni, nokunjalo, futhi ukukhuphula. Manje, bengibhekisisa ukubona ukuthi kwakuyini kwaze kwaqiniswa ngokuphelele. Manje ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzongisiza ukuba ngihloniphe ngokuzithoba kakhulu, ngalokhu, kunoma kwakunjalo ngaphambili, futhi kwangathi Ungathola inkazimulo. Njenga, khona phezu kwalelipulpiti elifanayo, lapho owokuQala washijo khona, owesibili, futhi manje owesithathu, futhi Okushilo kufezekile khona impela Okushiloyo. SiyaKukholwa, Nkosi Nkulunkulu.

¹⁸⁵ Siza yilowo nalowo wethu ukuba silahle ukungakholwa kwethu nezinkoleloze zethu, ukuze sime eBukhoneni bukaNkulunkulu ophilayo, sazi lokho, uNkulunkulu ofanayo owakhipha lelothumba kumkami ohlezi ekhona manje; kwaqiniswa ngenye yesayense yezokwelapha ephakeme kunawo onke esinayo ezweni, owalihlodayo, wase eyabheka, walithatha

isithombe; futhi manje alisekho. UnguNkulunkulu futhi akekho omunye ngaphandle kwaKho.

¹⁸⁶ Futhi siyaKuthanda ngoba U—Usivumele sibe yizinceku zaKho. Futhi kwangathi singaKukhonza ngokuzithoba nenhlonipho, zonke izinsuku zokuphila kwethu. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi ngingakwazi, nomndeni wami, nabo bonke lababantu, sikwazi ukuba yiziBani ezikhanyayo, usawoti onobusawoti ozo cul- . . . dala ukoma kwabanye, ukuba bathande loJesu osenzele okukhulu kangaka.

¹⁸⁷ Manje njengoba ngivula iZwi, ukuba ngiLifunde okwendikimba encane, bese-ke ngikhulekela abagulayo, ngisize, Nkosi. Khuluma kithi, futhi uphilise abagulayo, eGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

¹⁸⁸ Ningaba naso, ngabe nginaso nje isikhathi soku . . . [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uma ngisheshisa masinyane ngempela e . . . indikimba ethize lapha, ngifuna nifuna manje, noma nimake phansi, kumbe noma yini enifisa ukuyenza. Eyokuqala itholakala eNcwadini kuNumeru, 21:5 kuya kwele 19, futhi sifuna uku—ukufunda lokhu.

Abantu bakhuluma kabi ngoNkulunkulu, nangoMose, bathi Nisikhuphuleleni eGibhithe ukuba sifele ehlane na? ngokuba akukho-sinkwa, akukho-manzi; imiphefumulo wethu uyanengwa yilesisinkwa esilulana, ukudla kweziNgelosi.

INKOSI yathuma izinyoka ezinesihlungu phakathi kwabantu, zabaluma abantu; abantu abaningi bakwaIsrayeli bafa. Ngakho iNkosi . . .

Ngakho abantu bafika kuMose, bathi, . . .

¹⁸⁹ Ukuvuma! Bhekisani, “Sonile!” Niyabo, leyo yinto yokuqala ekuphiliseni, ukuvuma kuqala.

. . . Sonile, ngokuba sikhulume kabi ngeNKOSI, nangawe; khuleka eNKOSINI, ukuthi isuse izinyoka kithi. UMose wabakhulekela abantu.

INKOSI yathi kuMose, Zenzele inyoka enesihlungu, uyibeke ensikeni: ukuthi kuyakwenzeka, kuyakuthi—kuyakuthi, yilowo nalowo olunywayo, lapho eyibheka, uyakusinda.

UMose wenza inyoka yethusi, wayibeka ensikeni, kwathi, lapho inyoka imlumile umuntu, uma ebeyibheka inyoka yethusi, wasinda.

¹⁹⁰ Manje, futhi, ngifisa ukufunda umBhalo kuZakariya, isahluko 12, ivesi 10.

Ngiyakuthululela phezu kwendlu kaDavide, naphezu kwabakhileyo eJerusalema, umoya womusa nowokunxusa: bazobuka mina abangigwazileyo,

bamlilele, njengokulilela ozelwe yedwa, babe-nomunyu ngaye, njengonomunyu ngezibulo lakhe.

¹⁹¹ Manje okwendikimba, ngizothatha lokhu: *Bheka Laphaya KuJesusu*. Fulathela izwe, ubheke kuJesusu. UMose wenze inyoka; futhi lapha umprofethi, kamuva, wayekhuluma ngakho, ukuthi kwakuzokwenzekani, ukubheka laphaya ku—kuJesusu.

¹⁹² IBhayibheli lathi, kuIsaya 45:22. Sithola ukuthi uNkulunkulu wathi, “Bhekani kiMi, nonke nina-majukujuku omhlaba.” Futhi manje uma umhlaba usufike ekupheleni kwawo, noma inqubo yomhlaba isifike eziphethweni zawo, abantu mababheke kuYe.

¹⁹³ Manje ungahle uthi, “Sikuzwile lokhu, isizukulwane ngesizukulwane. Sikuzwile lokhu isikhathi eside.” Yiqiniso lelo, futhi kushunyayelwe isikhathi eside. Abefundisi abaningi uthathe lendikimba efanayo, izinkulungwane zabo.

¹⁹⁴ Kodwa nansi into engifuna ukunibuza yona, kulobubusuku, ngalemizuzu elandelayo embalwa. Kodwa uma ubheka, umbuzo ngukuthi—ngukuthi, ubonani uma ubheka na? Ubonani ubheka na? Lokho kwencike kuphela ekutheni ubhekani. Niyabo? Manje Wathi, “Bhekani kiMi, nonke nina-majukujuku omhlaba.” UMose waphakamisa inyoka, futhi, noma ubani owayebheka, waphiliswa. Manje, kwencike ekutheni ubhekani.

¹⁹⁵ Ngibabonile abantu bengena emihlanganweni, ngalolusuku lokugcina, bakwazi kuphela ukuhlala emihlanganweni cishe nje imizuzu owodwa noma emibili. Yilokho kuphela ababengakumela. Niyabo, babengakwazi ukukumela.

¹⁹⁶ Angisoze ngakhohlwa, ngiyethemba lokhu akuvezi-sithombe-samuntu waseIowa, ngenkathi ngingomhlangano eWaterloo.

¹⁹⁷ UMfowethu Lee Vayle, ube-khona kulokhu ukusa. Angazi noma ukhona kulobubusuku noma qha. Ukhona, Lee na? Ubekhona kulokhu ukusa. Yebo, emuva ngale lapho okuqoshwa khona, emuva lapha. Kulungile.

¹⁹⁸ UMfowethu Lee nami senze konke ebesingakwenza. Futhi sapha inhlangano yabefundisi ukudla kwasekuseni, mahhala, ukwehla nje ngikhulume nabo. UMfowethu Lee Vayle, kusobala, uyisifundiswa esikhulu no—noDokotela wezobuNkulunkulu, ukuthi wayezifanele ngempela iziqu zakhe. Futhi ngakho ngazama ukuthola yena ukuba akhulume phambi kwalamaLuthela, amaPresbyterian, nokunjalo, kodwa wathi, “Qha, babheke wena ukuba ukwenze.”

¹⁹⁹ Awu, ngehla ngase ngithatha indikimba yami, phambi kwalababefundisi, emva kokuba bonke sebeqedile ukudla. Ngathatha indikimba yami: *Angibanga-NgongawuLaleliyo UMbono WaseZulwini*. Kwathi nje ngingawufunda umBhalo, cishe ababili babheka, nampaya beyophuma ngomnyango.

Ngakho lapho ngiqala ukuthi, “NjengoPawulu osukwini lwakhe, enetshumayelo eyinqaba, futhi manje uma phambi kuka-Agripa futhi wathi akabanga ngongawulaleliyo,” cishe abanye futhi ababili noma abathathu basukuma. Ngesikhathi sengifike lapho engangingasho khona okuthize mayelana nendikimba, kwase kukhona nje cishe abathathu noma abane abahlezi lapho. Base besukume bonke bahamba.

²⁰⁰ Isizathu sakho, ngukuthi, yilokhu. Abanye beza emhlanganweni, uma bezwa ngomvangeli, indlela agqoka ngayo inokuthize kubantu. Uma engagqoki uhlobo olufanele lwezingubo, abanye babo . . .

²⁰¹ Ngezwa i—isazi sesayense yengqondo sithi, ngeliny’ilanga; uDokotela Narramore, indoda enomoya omuhle, indoda engumKristu, uhlelo lwakhe luku KAIR lapho, ngaso sonke isikhathi. Wathi, “Indlela yokutshela umuntu ukuthi wayelahlekelwa yingqondo, kulapho uma engagqokanga ngokuzithanda kwakhe.” Niyazi, ukuthi ufanele abonakale kanjani phambi komphakathi, lokho kwakuyiSibonakaliso sokuthi wayelahlekelwa yingqondo yakhe.

²⁰² Awu, manje-ke, kusho ukuthi-ke bengihlanya yonke impilo yami, niyabo, ngoba ngigqoka ama ovaloli nakho konke, niyabo. Ngakho, kufanele nesikhundla sami, ngifanele ngigqoke njengomfundisi wasesontweni, ngamany’amazwi, uku—ukuze ngibe umfundisi wasesontweni.

²⁰³ Angicabangi ukuthi uJesu wayegqoka njengomfundisi wasesontweni. Wayegqoka njengomuntu ojwayelekile. Wayehamba angene phakathi kwabantu, futhi kwakungelutho ukugqoka.

²⁰⁴ Kodwa lokho nje yi, niyabo, ukuthi unjani umqondo womuntu. Aku . . . Kunjani-ke uma lomuntu, noma, angazi ukuthi udokotela uzocabangani ngalokhu, ngenkathi umprofethi eBhayibhelini eyalwa ukuba ahhundule izingubo zakhe futhi ahambe-nqunu phambi kwabantu na? Wayeyoba wuhlanya ngempela, ubengeke manje na? Kodwa uNkulunkulu wamtshela ukuba akwenze.

²⁰⁵ Omunye wadingeka ukuthi alale ngohlangothi lwakhe izinyanga ezingamakhulu amathathu namashumi amane, ngikholwa ukuthi kwakunjalo, elele ngohlangothi lwakhe, uhlangothi olulodwa; wase-ke ephendukela ngakolunye. Futhi udla ikhanzi lekhothamo ayelenzile lapho; wadingeka ukuthi ahambe futhi abilise lokhu ukudla akwenze, akuhlanganise, bese ekudla konke ngalesosikhathi; afike ngale akhe kugcwale isandla bese edla, elele ngohlangothi lwakhe, kube yisibonakaliso. Niyabo?

²⁰⁶ O, abantu badede kangakanani, ngempela, eZwini likaNkulunkulu. Bafundiswa kakhulu nje baze bazifundise ukuqhela kuNkulunkulu. Uma umuntu ekhuluma ngokuthi

unemfundo, ngiyazi nje ukuthi uqhele kangakanani kuNkulunkulu; niyabo, iziqu zobudokotela. Angisho lokhu ukuthi ngikhulume kabi ngoDokotela Vayle, ngoba akasilo lolohlobo. Kodwa, ngokuvamisile, uma umuntu ethola iziqu zobudokotela, lokho kusho ukuthi, kimi, uqhele kakhulu kangako kuNkulunkulu, niyabo, ngaphandle uma angahle azibambe aye eZwini nakuNkulunkulu.

²⁰⁷ Manje, sithola ukuthi abanye ufika ezozwa indlela okhuluma ngayo, uma bezobheka. Ukhuluma ngokuphilisa kukaNkulunkulu neNkosi; uma umuntu engesuye owoqobo, isihlakaniphi ngokweqile esifundisiweyo, abantu nje abakwazi ukukumela ukumuzwa esebenzisa amazwi njengo “his’n, hain’t,” na—namazwi njenge... Nje ba... Abakwenzi. Bacabanga ukuthi leyo yindlela yokudeda kuNkulunkulu.

²⁰⁸ Futhi ngenkathi uJesu ekhuluma ulwimi olulula nje, sekuze kwathi, namhlanje, kunoprefesa abadidekile, ngokuba bezama ukukuhumusha ngokolwazi lokufunda nolwimi lwangalolosuku, futhi kwakuwulwimi lwasemgwaqeni. Ngakho-ke...

²⁰⁹ Ngani, kukhona umehluko omkhulu kakhulu ngisho nalapha eUnited States yakithi! Ngabizwa eFlorida, kuya eNew York, futhi kwakufanele ngithole owesifazane ngapha, futhi, eSt. Louis, ukuba ahumushe phakathi kwalentombazane yaseningizimu nentombazane yasenyakatho. Wawumkhulu kangako-ke umehluko owawukhona. Niyabo? Impela.

²¹⁰ Manje into yakho ingukuthi, ukuthi abantu babheka lezozinto, izinkulumo, esikhundleni seZwi. IZwi libonakaliswa lingubufakazi obubonakalayo ukuthi Liqinisile. Niyabo, iZwi libonakaliswa! Abasoze bakubheka Lokho. Ufanele ube nomcabango wokuhlakanipha, ukuze ukwazi, uye ekholiji futhi ufunde ukuthi kukhothanywa kanjani, ukuthi kumiwa kanjani endaweni eyodwa, nakho konke. O, lokho kungaklinya umfundisi, afe, owayegwaliswe ngoMoya oNgcwele ngempela. Niyabo? Manje, leso yisihlakaniphi.

²¹¹ Futhi yileyo ndlela sonke lesisizwe esinayo. Sinomcabango wokuhlakanipha kaKristu. Yilokho abakubhekile. “Futhi uma uKristu ekuwe, ufanele ube yisifundiswa esikhulu, ufanele ube yisihlakaniphi,” ngoba yilokho abacabanga ukuthi uKristu uyikho.

²¹² Esinye isikhathi, enye into, babumba eyabo imibono yokuthi Ubefanele ukuba njani, umqondo okungowabo, esikhundleni sokuthatha lokho okwashiwo yiZwi. Yileyo ndlela uma bebheka, futhi ngisho bebona uJesu qobo lwaKhe, bayehluleka ukuMqonda. Bakwenza ngoSuku lwePhentekoste. Bakwenza ngenkathi Lisenyameni. Bakwenza ngenkathi Esemkhombeni. Bakwenza ngenkathi Esemigwaqeni yaseJerusalema. Bakwenza ngenkathi Esesiphambanweni. Futhi Wayengukugcwaliseka kwaleloZwi. Futhi, nokho, babenoMesiya ehla ngomhubhe evela

eZulwini, nakho konke okunye, futhi kwakuyiphutha, ngoba kwakungumcabango wabo wakuhlakanipha. Futhi behluleka ukuMbona, futhi, beMbuka ngqo. Kunjalo nanamhlanje!

213 Ubonani uma ubheka na? Abanye babheka ukuba babone, uma beMbheka, babheka ukuba babone umqambi webandla othize ohlakaniphile omkhulu, umuntu ngempela ongaveza isivumokholo esizobangela bonke abantu ukuba basithande lesisivumokholo, enye into. Yilokho abakubhekayo uma beMbona.

214 Abanye babheka ukuba babone insumansumane, njengoSanta Claus, uma bebheka. Bafunda iBhayibheli, bese bethi, “A, leyo yinto eyinsumansumane. Kuyinto nje eyabhalwa ngumuntu. Yilokho, bona, ngoba uma be...” Lowombono onawo ngeBhayibheli, yilokho onakho ngaYe. Niyabo?

215 Abanye babheka ukuba babone ingane. Abanye babheka ukuba babone u—unogwaja noma uSanta Claus. Abanye babheka ukuba babone incwadi ethize yezomlando eyayingeyayizolo hhayi namhlanje.

Kodwa, umbuzo ungukuthi, ubonani uma ubheka na?

216 Abaningi kakhulu benu, abazisho ukuthi banoMoya oNgwele, babheka babone umuntu wesibili kaziqu-zintathu. Kanti, akuphathwa ngisho naseBhayibhelini. Ayikho into enjalo. Igama elithi ziqu-zintathu alikho ngisho nasezivalweni zeBhayibheli. Kodwa, nokho, uma ubheka uJesu, uMthatha njengomuntu wesithathu noma umuntu wesibili kaziqu-zintathu, futhi yingalesosizathu ungafinyeleli-ndawo.

217 Niyazi ukuthi Wathini? “NginguNkulunkulu, futhi akekho omunye ngaphandle kwaMi.” Niyabo?

218 Kuya ngokuthi yini oyibhekile. Uma ufuna ukubeka umfana omncane othile oletha inhlanhla, ikhehla elinetshebe, nokunjalo; uma kuyileyo ndlela obheka ngayo uJesu enjengomuntu othize ohlukile kuNkulunkulu, ubheka ngokungesikho. AwuLiboni.

219 Lapha esikhathini esingeside esedlule, nganginezibuko zasendle. Ngangizama ukubhekisisa inyamazane iantelopu, noma iantelopu ngale endle. Nendodana yami yayizama ukungikhombisa, futhi isencanyana impela. Ngakho yathi, “Thatha izibuko, babayi! Nakho kumi inyamazane iantelopu, khona phandle lapho!”

Ngathi, “Ngingayibona ngamehlo ami emvelo.”

Wathi, “Thatha lezizibuko.”

220 Ngenkathi ngibheka, ngabona cishe izinyamazane ama-antelopu ayishumi, kodwa izibuko zazingaqondisiwe kahle. Futhi ngenkathi sengihamba ukuba ngiziqondise kahle, lonke ishumi lazo liphenduka laba ngeyodwa.

221 Futhi uma uzoqondisa kahle ingqondo yakho eZwini likaNkulunkulu, abathathu bazoba oYedwa. Niyabo? Kodwa izibuko zakho zobufundisi ziyaphuma ekuqondisweni kahle uma uzama ukuMenza abe mthathu. UYedwa. Niyabo?

222 Kodwa kuya ngokuthi yini oyibhekile. Ubonani uma ubheka na? Khumbulani, ungaMbona kuphela lapho uMbheka ngeZwi. Ungeke uMbheke ngebhuku eliphethe indaba yesifundo. Ungeke uMbheke ngesivumokholo. Uzobona onkulunkulu ababili noma abathathu, nakho konke okunye, kulezozivumokholo. Kodwa Mbheke ngeZwi, futhi uzobona ukuthi Ungu “*Emmanuel*, ‘uNkulunkulu owenziwe inyama phakathi kwethu.’” Wathi, “NginguNkulunkulu, futhi ngaphandle kwaMi akekho omunye.” UnguNkulunkulu.

223 UIsaya wabheka ngesinye isikhathi, umprofethi, futhi lapho ebone uJesu. . . Indaba yami ingukuthi, “ukubheka kuJesu.” *Bheka Laphaya KuJesu*. Ngenkathi uIsaya efulathela izwe, ukuba aMbone, wathi, “Ngibona uMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaPhakade.” Yilokho uIsaya akubheka laphaya wayesekubona.

224 UDanyeli, ngesinye isikhathi, wayemi ngenkathi ebona u—ukuphela kwemibuso yabeZizwe. Wabona umfanekiso uNebukadinezari ayewuphuphile. Wabona ukuthi ngamunye wawuzothathwa kanjani ngomunye, lapho yehla. Futhi lapho ebheka ukuba abone ukuthi yini konke okwakuzokwenzeka ekugcineni, ngenkathi ebona uJesu, Wayeyi “Itshe elaqheshulwa entabeni, kungengazandla,” elafihliza imibuso yabeZizwe.

225 UNebukadinezari waphosa abantwana bamaHeberu abathathu esithandweni somlilo, ababekholwa kuNkulunkulu futhi bama eZwini laKhe. Uma babezoLifela, babezoma, noma kanjani; into encane nje, ngokuguqa ngedolo labo ngenye indlela ethize. Kodwa lapho ebheka laphaya futhi wabona uJesu, Wayeyi “ndoda yesine” eyayisesithandweni somlilo, futhi kwasuka konke ukushisa ezincekwini zaKhe ezilalelayo. Yilokho uNebukadinezari akubonayo.

226 UHezekeli wabheka laphaya ukuba aMbone ngolunye usuku, futhi Wayeyi “Sondo phakathi nesondo,” phezulu le phakathi nomoya. WayeyiHabu esondweni, lapho zonke izipokwe ziboshelwe khona. Amen! Isondo elikhulu ligijima ngokukholwa, kodwa iSondo elincane liphendulwa aMandla eNkosi. Wabona Lowo-ke uHezekeli ngenkathi ebheka laphaya.

227 UJohane umBhaphathizi wabheka laphaya ngoluny’suku, futhi, ngenkathi enzenjalo, wabona iJuba; nePhimbo, lithi, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ukuhlala kuYo.” Yilokho akubonayo. Manje-ke, wabona uJesu noNkulunkulu bengumuntu ofanayo, ngoba uMoya wehla uvela eZulwini njengeJuba, uthi, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo

eNgithokozile ukuhlala kuYo.” Yilokho akubonayo. Qaphelani, uZikhomba ngaleyondlela.

228 UNowa, ngenkathi ebheka laphaya ukuba aMbone, uNowa wabona izahlulelo ezilungileyo zikaNkulunkulu zehlela phezu kwabantu balelizwe ababengqabe iZwi laKhe. Yilokho uNowa akushoyo ngenkathi ebheka laphaya.

229 UMose, ngenkathi ebheka laphaya, wabona isihlahla sivutha. INSika yoMlilo yayiZibuyisele esihlahleni, futhi, ngenkathi uMose esondela kuYo, Wathi, “Khumula izicathulo zakho, ngokuba, ‘NGINGUYE.’” Manje, uma uzolikala lelozwi, “NGINGUYE,” yinkathi edlule, inkathi yamanje, nenkathi ezayo. “NGINGUYE,” oPhakade! Niyabo? “NGINGUYE,” wabona u “NGINGUYE.” Yilokho akubona esihlahleni esivuthayo.

230 UIsrayeli wabheka enyokeni yethusi eyayenziwe uMose, futhi wabona ukuhlupheka kukaKristu ngokwahlulelwa kwabagulayo, ngokuba siyazi ukuthi inyoka yayikhuluma ngokuBuyisana.

231 UJesu wayeyilokho-kuBuyisana. “NjengoMose owaphakamisa inyoka yethusi ehlane, kanjalo neNdodana yomuntu nge iphakanyiswa,” ngenhloso efanayo. Niyabo? Ngani? Babonile, futhi bagula; lokho kwakungokokususwa kwezono zabo nangenxa yokugula kwabo. Futhi yilokho, “uJesu walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina.” Susa ukuphilisa kukaNkulunkulu kuKristu, usika ukuBuyisana kube uhhafu, kabili. Niyabo?

232 Ubonani kuYe uma ubheka na? Niyakubona lokho na? Niyakubona lokho, “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina”? Uma ubheka laphaya, ungakubona lokho, noma ungabona icala elilodwa nje lokuBuyisana na? Ungabona macala omabili akho uma ubheka na?

Uma ukubheka ngesivumokholo, bazokutshela ukuthi, “Izinsuku zokuphiliswa selwedlula.”

Kodwa uma ukubheka ngeZwi, uzobona, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Niyabo?

233 Abafundi baMbheka ngenkathi besolwandle olunenkathazo, futhi babona usizo kuphela olwalungabasiza, luza.

234 UMarta wabheka kuYe ngesikhathi sokufa, futhi wabona ukuthi Wayenguku “vuka nokuPhila.” Amen! Ngesikhathi sokufa, uMarta wabona, ngenkathi eMbheka. . . Wayenqatshwe ngabantu bakubo; Wayaliwe; ngisho, wayethumele kuYe, futhi Akezanga kumfowabo. Kodwa ekugcineni lapho Esefika, futhi wahamba futhi wawa phansi ukuze aMbheke, wathola ukuthi Wayeyikho kokubili “ukuvuka nokuPhila.” Amen!

²³⁵ UJayiru wenza into efanayo, ikholwa elicashile; iPresbyterian elincane, iMethodisti, iBaptisti, elalikholwa ngempela, kodwa lingakwazi ukuhambahamba, ngenxa yokuthi ihlelo lalo lingeke lilidedele, ngoba lalizoxoshwa esontweni. Kodwa indodakazi yalo encane okuyiyona yodwa yayisiseduze kokufa, futhi kwakufanele lihambe. Kodwa lapho liMthola, lathola ukuthi Wayengukuvuka nokuPhila.

²³⁶ Ngenkathi lithumela kuYe, isigijimi safika sasesithi, “Ungayikhathazi iNkosi, ngokuba intombazane isivele ifile.” I. . . Nenzliziyo yalo encane yacishe yehluleka impela.

²³⁷ Kodwa Wathi, “Angishongo yini, ‘Uma uzokholwa kuphela, uzobona iNkazimulo kaNkulunkulu?’” UJayiru wathola ukuthi Wayekwazi ukuvusa abafike, ngenkathi ebheka uJesu.

²³⁸ Abalambile baMbheka, futhi bathola ukudla okuqinisa impilo. Lokho kwakungokwemvelo. Abalambile, bakamoya, bangabheka kuYe futhi bathole ukuthi UyiSinkwa sokuPhila.

²³⁹ Isela elifayo labheka ukuba libone ukuthi yini elalingayibona, futhi lathola, kuJesu, ukuxolelwa kwalo. “Ungikhumbule, Nkosi, nxa Usufike eMbusweni waKho.” UJesu wathi, “Namuhla uzakuba naMi eparadisi.” Yilokho elakubonayo ngehora lokufa kwalo.

²⁴⁰ Abagulayo baMbeka, futhi babona uMphilisi. Impumputhe yabheka, futhi yakwazi ukubona.

Kuya ngokuthi yini oyibhekile manje. Ubheka ini na?

²⁴¹ UPetru noNathanayeli babheka, futhi babona isithembiso seZwi lomprofethi wabo, uMose, sibonakaliswa. “INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami, abantu bayakubambelela kuYe. Nabobonke abangaMkholwa, futhi bezwe lowomProfethi, bayonqunywa kubantu.”

²⁴² Futhi lapho uPetru enyukela eBukhoneni baKhe, uJesu wathi, “Igama lakho nguSimoni, futhi uyindodana kaJona.” Wazi ngaso lesosikhathi-ke, ngenkathi ebheka okokuqala kuJesu, ukuthi kwakukhona ukugwaliseka kwalokho iZwi likaNkulunkulu elathi Wayezoba yikho. Amen.

²⁴³ Angazi noma nithole into efanayo yini ngenkathi niMbheka okokuqala na? Angazi noma iZwi elithenjisiwe lizibonakalisa uqobo lwaLo kini ngenkathi niMbheka na?

²⁴⁴ UNathanayeli, wathi nje angafika eBukhoneni bukaJesu, ethe ukungabaza kancanyana. . . Sithola ukuthi uFiliphu wayehambile wafike wamtshela, “Woza, ubone ukuthi uBani esimfumene.”

NoNathanayeli uyafika, wayesethi, “Yimuphi Yena na?”

Wathi, “Mhlawumbe yilo ophezulu laphaya okhulekela abagulayo.”

245 Wafuzula edlula waze wathola ukuMbheka. Futhi lapho ebheka, uJesu wathi, “Bheka umIsrayeli okungekho-nkohliso kuye.”

Wathi, “Rabi, Uke wangazi nini na?”

246 Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.”

247 Wabe esetholani-ke uNathanayeli na? Wathola ukuthi nanso iNkosi kaIsrayeli. Wathi, “Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. UyiNkosi kaIsrayeli.” Yilokho akubonayo ngenkathi ebheka. Wakuthola ukuhunyushwa komBhalo, wakhanyiswa phambi kwakhe. Wakubona, umBhalo ofanayo umprofethi ogcotshiwe uMose ayewushilo, “Uyoba ngumProfethi onjengami.”

248 Owesifazane emthonjeni, wathola ukuthi abheke ngesinye isikhathi, futhi wabonani na? Wakuzwakalisa emzini. Wathi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Kungebe nguye impela uMesiya lona na?” Ngenkathi ethatha eqala ukubheka uJesu Kristu, wabona uMesiya.

249 Abantu bangabheka into efanayo namhlanje, futhi baYibize ngokuthi “ngokufunda umcabango ngengqondo.” BayoYibiza nge “nkolo yokukhonza imimoya yabafileyo.” BaYibiza nanganoma yiluphi uhlobo lwegama likadeveli abangaYibiza ngalo, ngoba abazi ukuthi babhekani. Amen. Abaqondi. Babheke isivumokholo. Babheke isihlakaniphi esikhulu ukuba sibeke ibandla ngokohlelo. Babheke amalunga amaningi, futhi behluleke ukubona iNkosi uJesu Kristu obusisiweyo eZwini laKhe elikhonjiweyo. Kunjalo.

250 Kuya ngokuthi yini oyibhekayo. Uma ubheke ukugcwaliseka kwesithembiso sanamhlanje, uzosibona. Kodwa, uma ubheke isihlakaniphi esithize, noma into ekade beyibheke njalo, umqambi othize omkhulu, usomlando othize, omunye umuntu othize, enye into, uzohluleka ukuLibona. Kodwa uma uMbheka ngeZwi, iZwi liyamemezela ukuthi UnguBani.

251 Waphonsela abantu bosuku lwaKhe inselelo ukuba benze okufanayo. Abakwazanga ukuMbona. Wathi, “Nina baholi abayizimpuputhe ezihola izimpuputhe. Nizisho ukuthi uMose wayengumprofethi wenu. Ukuba benimazi uMose, beniyakungazi naMi. UMose waloba ngaMi.” Futhi babephuphutheke kakhulu ukuthi baLibone. BeLibheka ngqo, futhi bephuphutheke kakhulu ukuthi baLibone.

252 Ngikuhlanganisa okwesisila sejuba lokho “kubenezela,” kulokhu ukusa, imizuzu embalwa, niyabo. Bayabheka, futhi abazi ukuthi babhekani, ngoba banomcabango oliphutha kulokho abazama ukukuthola. Ubungazi kanjani ukuthi ubufuna ukutholani, uma ubungazi ukuthi ubhekani na?

253 Ubungahamba kanjani uyocinga ithanga, futhi ungakaze ubone nelilodwa futhi ungakaze uzwe ngento enjalo na?

Ubungahamba kanjani uyothola ikhabe, uma ubungakaze wazi ukuthi yayikhona into enjalo, nokuthi yayibukeka injani na? Ngani, ubungathola umgqomo, futhi ucabange ukuthi kwakuyikhabe. Ubungathola enye into, ubungathola isigaxa, futhi ucabange ukuthi kwakuyikhabe.

²⁵⁴ Kodwa ufanele wazi ukuthi yini oyibhekayo. Futhi indlela kuphela oyoze wazi ngayo ukuthi uya kuphi, ukuthi ubhekani; uma ubheke uJesu, uzobheka eZwini, ngokuba UyiZwi. “YiYona efakaza ngaMi. Hlolani imiBhalo.”

²⁵⁵ “Uzisho ukuthi u... bangabakholwa abaprofethi, kodwa ningabakayihlo udeveli. Oyi-hlo, abazishoyo; lapho uNkulunkulu ethumela abaprofethi kubo, wabafaka elibeni. Ba—bayabulala abaprofethi. Wonke ofikayo,” uJesu wathi, “yimuphi kubo oyihlo abangabakhandanga ngamatshe na? Nemisebenzi kayihlo niyakuyenza.” Amen! Amadoda abalungileyo, amadoda angcwele, indoda owawungeke ukhombesici kuyo, kepha nokho Wawabiza “ngezinyoka nodeveli.” Niyabo?

²⁵⁶ Nibhekeni na? Uma nibheke umuntu othize omnene na? Abanye abantu ucabanga ukuthi ngoba uMoya oNgcwele wasebenza ngawe, uzofanele ube ngosenesikhathi eside, umfo omnene, ohambahambayo ngisho enga... Lowo akusiwo uMoya oNgcwele. UNkulunkulu akasebenzi ngezangelosi kanjalo, noma abafanele ukuba yizo. UNkulunkulu usebenza ngabantu. IBhayibheli lathi, “UElija wayengumuntu onjengathi ngokudabuka,” kodwa ubungeke ube naye uze ukuba usubone uJesu.

²⁵⁷ UPetru noJohane, esangweni okuthiwa Lihle. Futhi ngenkathi bebadonsa enhla lapho mayelana nokuphilisa lowomuntu, “Babaqonda ukuthi bangabantu nje, abangafundile, kodwa babona futhi ukuthi kade benoJesu,” niyabo, ngoba ukuPhila kwaKhe kwakuboniswa ngabo.

Manje, kuya ngokuthi yini oyibhekayo.

²⁵⁸ Owesifazane wayelifundile iBhayibheli. Yena wayazi ukuthi kwakukhona uMesiya ozayo, futhi wayazi ukuthi lowoMesiya wayezokwenzani. Futhi kwathi masinya nje uJesu angathi kuye, “Ngiphuzise.”

Wathi, “Akusilo isiko.” UnguMuntu owejwayelekile nje.

²⁵⁹ Manje, ukuba Wayekade ehlezi lapho efake omkhulu umshuqulo, nazo zonke izinhlobo zemihlobiso phezu kwaKhe, zo—zomuntu othize ongcwele, ngani, owesifazane wayezothi, “Awu, nanguya umpristi,” futhi aqhubeke. Noma, “Nanto uhlobo oluthize luka rabi,” aqhubeke.

²⁶⁰ Umfundisi, enye into ethize; ngibone umuntu eza ezokudla, namhlanje, lapho engaya khona ukuyokudla. Nalowomfo uyangena, wa—wayeneziphambano ezenele nezinto kuye;

kuyinto enhle ngezinye izikhathi labobafo ukuba bebanalokho. Ngicabanga ukuthi ufanele uphile impilo. Awudingeki ukuba ube nenqwaba yezingubo zabefundisi basemasontweni, ukufakazisa ukuthi uyini. Ngezinye izikhathi bayaphuza, futhi baziqhubekele kangaka, futhi babheme osikilidi, nakho konke, bafanele bagqoke izingubo zabefundisi basesontweni ngisho nokuthi bazi ukuthi bangabafundisi noma qha. Kunjalo.

²⁶¹ Ngiyanitshela, izingubo zabefundisi basesontweni zomuntu ukuba azigqoke ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ezizokukhomba ukanye noJesu! Kunjalo.

²⁶² Manje, siyathola, lokho kuya ngokuthi ubhekani. Ogqoke kahle, ozilungise kahle, uhlobo oluthize lomshuqulo; awusoze waMbona, ngoba WayenguMuntu ojwayelekile nje. UNkulunkulu usebenza ngomuntu. UJesu wayenguMuntu; uNkulunkulu wayekuMuntu, futhi WayenguNkulunkulu.

²⁶³ Manje, sithola ukuthi lona wesifazane, ngenkathi ebona lesisibonakaliso esiyimfihlakalo, ukuthi Wakwazi ukumtshela ayekwenzile okwakungalungile, noma okwakusenhliziyweni yakhe, wazi ngayo leyonkathi ukuthi lowo kwakunguMesiya. Ngakho, ngenkathi ebheka uJesu, wabona uMesiya.

²⁶⁴ UMesiya, kwakuyini imisebenzi kaMesiya na? Ukwazi imfihlo yenhliziyo. Ngabe lokho kunibambe kahle na? Angazi noma nizoqonda yini. Uma beningabheka Yena, kulobubusuku, benizobhekani na? Ubezofana. UMesiya yiZwi, iZwi! NeBhayibheli lathi, kumaHeberu isahluko 4, ukuthi, “IZwi likaNkulunkulu liphilile, linamandla kakhulu kunenkemba esika-nhlangothi zombili, lisika lize lahlukanise nethambo, futhi lahlulela imicabango osenhliziyweni.”

²⁶⁵ Futhi lapho esazi ukuthi uMesiya wayezoba yileloZwi lenziwa inyama, futhi akwazi ukumtshela ukuthi yini eyayingalungile kuye, wazi ukuthi lowo kwakunguMesiya. Hhayi ukuthi Ugqoke kanjani, hhayi ukuthi Wayenemfundo eningi kangakanani; kodwa, ngesibonakaliso Amkhombisa sona, WayenguMesiya. Lapho ebona uJesu, wabona uMesiya; uNkulunkulu kuMuntu, njengoba kuthenjiselwe lowonyaka ogcotshiweyo.

²⁶⁶ Kodwa niyazi ukuthini? Abaningi, baleyominyaka efanayo engikhulume ngabo, abakaze bayibone leyonto. Abaningi babo abayibonanga. Kuyafana namhlanje. Abaningi abamqondanga uMose. Abaningi abamqondanga uElija. Abaningi aba re-... Ababaqondi neze baze bahambe, bese beyakuqonda-ke.

²⁶⁷ Ongakholwa ubonile, ngezinsuku zikaNowa, kuphela yini ukungakholwa okwakubhekayo na? Nginitshelile ukuthi okholwayo wabonani, manje asibone ukuthi abangakholwayo babonani. Ngezinsuku zikaNowa, abangakholwayo babonani—babonani emuva lapho ngenkathi bebheka na? Babona “uhlanya, luhamba lubhamazela entweni okuthiwa yisikebhe.”

Yilokho kuphela abakubonayo. “Ikhehla elithize elihlanyayo nobuhwanqa obude obumhlophe, elase lilahlekelwe yingqondo, futhi, kuphambene nocwaningo lwesayense nobufakazi, lathi, ‘Kukhona amanzi phezulu laphaya.’ Ngani, umfo ndini omdala!” Bamdabukela. “Bamedlule; yena, kuzomenyezela ukuthi uwuhlanya masinya. Ulahlekelwe yingqondo.”

268 Kodwa wayeneZwi leNkosi. Wayelokhu akha, phezu kwalo, noNkulunkulu wayekhombisa ubufakazi obubonakalayo ukuthi uzamcolo wawuza. Kwakuyisibonakaliso kubo. Labo abangayikhawanga indaba kaNowa bazulazula ebumnyameni, futhi baphelela ekufeni, emanzini, nethuna lesihogo.

269 UFaro, wake wabheka. Wabonani, wabonani uFaro na? Ubone “uhlanya, olubizwa ngomprofethi, nokuningi kakhulu okubizwa ngokuthi yizisho zokukhululwa.” Yilokho kuphela akubonayo; umxovi wodaka, isigqila simi phakathi kwabantu, futhi sizisho sona ukuthi sathunywa nguNkulunkulu ukuba senze izimangaliso. Ngani, babecabanga ukuthi umfo wayelahlekele...Wathi, “Hamba, myeke ahheme ngakho. Uzo...Bazomemezela ukuthi ‘uwuhlanya,’ emva kwesikhashana.”

270 Kodwa wayeno ISHO KANJE INKOSI. Abakholwayo, uAroni, uJoshuwa, nabaningi babo, bambona uNkulunkulu kuMose. Nemisebenzi kaNkulunkulu, uMose ayenzile, yingalesosizathu bazi ukuthi uNkulunkulu wayekuye. Babheka futhi babona uNkulunkulu kuMose.

271 Isicebi sabheka sabona impela ukuthi WayenguBani. Niyabo? Kodwa sala ukuMlandela, ngoba sasithanda izinto zezwe, kakhulu kakhulu, ukuba silandele uJesu.

272 Singaki isicebi esiyolalela leteyipu, yalolohlobo! Awudingi ukuthi njalo ucebe ngemali; qhabo, ungaceba ngokukhanuka, ucebe ngezinzabulo zalempilo. Ingaki indoda, mangaki amantombazane asemancane, futhi bangaki abafana abasebancane, abangezukuthengisa ngokuthandwa kwabo ngabantu babe yindlovukazi yocansi, noma uRicky othize nesiginci ibanjo noma isiginci, niphume nibungaza ngomculo wokuzinyikinya, kumbe okunye ukudansa akwazi ukukwenza! Bangaki kubo abazozisho ukuthi banemicebo yabo yokuthandwa ngabantu, futhi bale, uma behlala emihlanganweni ngqo futhi babhekisise iSandla sikaNkulunkulu sinyakaza futhi simemezele iZwi laKhe! Bangaki abazokwenza!

273 Sakhetha ihlelo laso. Sasikwazi ukuphila ngalo. “UJesu wayewuhlanya,” ehlelweni laso. Ngakho kwakuphakathi kokuthi sithatha lokho okwashiwo nguJesu, noma sasifanele sithathe lokho...

274 Asiyanga ngani kumpristi waso, bese sithi, “Ngingenzenjani ukuze ngibe nokuPhila okuPhakade na?” Sasazi ukuthi umpristi wayengazi lutho ngaKho.

Ngakho siza kuJesu, sasesithi, “Ngingenzani na?”

275 UJesu wathi, “Gcina imiyalo.” Wakuphosa kwabuyela ngqo emathangeni aso.

Sathi, “Ngikwenzile lokhu.”

276 Wathi, “Gcina imiyalo.” Nalapho, sasingakabi nakho ukuPhila okuPhakade, futhi sasazi ukuthi sasingenakho. Ungayigcina yonke imiyalo, futhi awukabi nakho ukuPhila okuPhakade, nokho.

277 Ngakho uJesu wathi, “Manje uma ufuna ukwenza okuhle, hamba uthengise ngalokho onakho, futhi ukuphe abampofu. Uze, uNgilandele.”

278 Kodwa lokho kwakunzima kakhulu kuso. Niyabo? Sithola ukuthi sabheka sabona ukuthi WayenguBani, kepha nokho sala ukukuthatha. Nokubheka kwaso okulandelayo kwaba sesihogweni, sibheka phezulu le futhi sibona uLazaru wayesezifubeni zika-Abrahama.

279 UPilatu wabheka, ngesinye isikhathi, ngenkathi beMletha. Wayengakaze aMbone ngaphambilini. Izandla zaKhe ziboshiwe; igazi ligobhoza emhlane waKhe; umqhele wameva ekhanda laKhe. UPilatu wabheka, futhi weneliseka.

280 Ngoba, ihhashi liza liholobha lehla ngomgwaqo, nomgibeli wagxuma wehla, futhi wagijima futhi wathi, “Nakhu, unkosikazi ukuthumele incwadi.”

281 Futhi wayibuka, futhi wathi, “Pilatu, myeni wami othandekayo, ungabi-nandaba kulowoMuntu olungileyo, ngokuba namuhla ngihluphekile kakhulu ngezinto eziningi ephusheni ngaYe.”

282 Wathuthumela. Amadolo akhe ashayisana. Wayesethi, “Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, uma UyiNkosi, Awukhulumi ngani kuzwakale na? UyiNkosi kaIsrayeli na?”

Wathi, “Usho khona.”

Wathi, “Sitshele iqiniso.”

283 Wathi, “Ngizalelwe lokho.” NoPilatu wamangala. U . . .

284 Bonke, wonke umuntu, wayenxusa ekhala ezinyaweni zakhe. Wathi, “Nginamandla okuKubulala, noma nginamandla okuKukhulula.”

285 Wathi, “Awunamandla alutho, ngaphandle uma uwanikwa nguBaba waMi.” Hwewu!

286 Mnumzane, weneliseka ukuthi Lokho kwakungaphezu komuntu. Weneliseka ngokucacile ukuthi Kwakungaphezu komuntu. Impela, wayenjalo. Kodwa (ini?) ezombusazwe zakhe

nokuthandwa ngabantu kwakukukhulu kakhulu. Niyabo, waMala. Ukuthandwa kwakhe ngabantu kwakukukhulu kakhulu. Ezombusazwe, isikhundla sakhe empilweni, sasisikhulu kakhulu, ukuba emukele loluhlanya.

²⁸⁷ Angazi ukuthi bangaki oPilatu abazobe belalele lokhu, ukuthi isikhundla sakho kwelinye ihlelo sizoba sikhulu kakhulu, ukwemukela iNkosi uJesu wangempela emi esikhundleni Akuso namuhla.

Isosha lamaRoma, esiphambanweni, lambheka uJesu.

²⁸⁸ Emva kokuba umhlaba ube nokuphela amandla kwemizwa, wamazama amadwala aze akhameka ezintabeni. Nelanga lashona phakathi nemini, futhi laphenduka laba-mnyama. Izinkanyezi aziphumanga ukunikeza ukukhanya kwayo. Nomhlaba waqhuma namadwala nokuzamazama komhlaba. Nombani omazombe ombe washwibeka ezibhakabhakeni; futhi waklebhula iveli lethempeli kusukela phezulu kuya phansi. Futhi, abantu begijima futhi bekhala kakhulu, babengazi ukuthi kwakwenzekeni.

²⁸⁹ Nalelososha lamaRoma elasiza ukuMbethela ngezikipikili lapho, lalibhoboze ngenkamba enhliziyweni yaKhe, lase libheka, kodwa isikhathi sasesedlule kakhulu. Labheka lakholwa, kodwa lase ledlulelwe yisikhathi kakhulu ukuba likholwe. Elalikwenzile kwase kukubeke uphawu ukulahlwa kwalo; laligwaze ngomkhonto inhliziyoyo yoMsindisi. Isikhathi sasesedlule kakhulu.

²⁹⁰ Angazi ukuthi ngabe mangaki amaRoma namhlanje elenze into efanayo, futhi lizokwenza into efanayo. Ungabhaka, ngolunye usuku, kodwa kungahle kubukeke ukuthi isikhathi sasesedlule kakhulu. Abaningi banamhlanje bazongena ngalolosuku futhi kube yindlela efanayo. Bazile.

²⁹¹ UMfowethu Wood lapha; izolo. Ngisho lokhu nje ngoba kukuloMlayezo. Ezansi lapha eNkampanini yakwaSlider, iRoma eliKatolika lihlezi lapho. Wehla ukuyolanda ukhonkolo wendlu yokukhonzela lapha, futhi, esenzenjalo, walitshela ukuthi wayewufunela ikuphi. NeRoma eliKatolika lathi, “Ngabe lowo nguMfowethu Branham na?”

“Yebo.”

²⁹² Lathi, “Ngizosho into eyodwa; uma ekhuleka, uNkulunkulu uyaphendula.” Niyabo?

²⁹³ Ngiyamangala-ke, likwazi, libona isiqinisekiso ukuthi ngempela yiVangeli, akusimina; noma yimuphi umuntu omele uKristu. YiZwi esikhuluma ngalo, hhayi umuntu.

²⁹⁴ Ngizama ukuthini na? Ngabe lokhu, ukuthi, balibona kahle-hle iZwi eliqinisekisiweyo, njengoba kwenza uPilatu nabo bonke abanye, njengesosha lamaRoma, kodwa nizolinda kuze kwedlule isikhathi kakhulu ukuba kungabe kusabakhona

enikwenzayo ngakho na? Lalifanele liwusebenzise ngenye indlela umkhonto. Iminyango izovalwa, njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaNowa, bese-ke sibe sesedlule kakhulu isikhathi. Ungahle uvuke ngokunye ukusa, futhi uthi, “Ngizimisele ukuphuma kulengxovangxova.” Ungalindi kuze kwedlule isikhathi kakhulu. Bekungangcono ubheke futhi uphile manje.

²⁹⁵ ULuther walifulathela ihlelo leKatolika. Wabonani na? INsika yoMlilo. Wabona ibandla elizimele.

²⁹⁶ UWesley walifulathela ihlelo laseSheshi. Wabona into efanayo.

²⁹⁷ IPhentekoste lawafulathela onke amahlelo. Futhi laba yini na? Abakhulu, abantu abanamandla.

²⁹⁸ Wenzani ngamunye wabo na? Lapho abaqambi, uLuther, noWesley, nabo, futhi lapho bebheka laphaya futhi bakubona abakwenzayo nababekuqalile; abantwana babo, beza emva kwabo, babheka emuva lapho bevela khona, ehlelweni, futhi bathatha leloqembu labantu balibuyisela ngqo langena engxovangxoveni efanayo abaphuma kuyo.

²⁹⁹ Ubhekani na? Abaqambi babheka kahle. Kodwa abantu, abalandela bona, babheka emuva kulokho abaqambi abaphuma kukho, futhi benza khona impela abaqambi ayemelene nakho; ogcotshiweyo kaNkulunkulu.

³⁰⁰ Niyazi, ngifanele ngisheshise, ngoba nginomugqa womkhuleko ozayo, futhi ngiyazi abaningi benu usazohamba.

³⁰¹ Ngelinye ilanga ngathatha ngabheka. Ngabona iZwi liba yinyama. Ngabona uAlfa no-Omega. Angizange ngibone noma yibaphi abathathu, abane, noma abahlanu; ngabona Oyedwa. NgaMbona njengoMsindisi wami. NgaMbona, iZwi. NgaMbona, ukuKhanya. NgaMbona, uNkulunkulu onaMandla. Ngibone uNkulunkulu kuYe. Ngabona iNsika yoMlilo. Ngabona, kuYe, khona impela iBhayibheli elathi Wayeyikho. Ngabona ukuthi WayenguAlfa no-Omega, ukuthi WayeyiNsika yoMlilo. Wayenguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngabona ukuthi iNsika yoMlilo eyathi, kuJohane, “UBukhona baKhe obungahluleki neze.” Njengoba washo kwesikaJohane, laphaya, “NoBukhona baKhe obungahluleki abusoze bakushiya.” Mfowethu, umbono wami kulobubusuku, ngukucula lelculo:

“Bheka uphile,” mfowethu, uphile,
 Bheka kuJesu manje uphile;
 Ngokuba kuqoshiwe eZwini laKhe, haleluya!
 Ngukuthi kuphela “bheka uphile.”

³⁰² Bheka! Ubonani na? Uyakubona ukukhululwa na? Uyabona ukuthi Uyini na? Bheka kuleloZwi bese ubona ukuthi Wayeyini, bese-ke ubheka ngeZwi elifanayo bese ubone Unguyena namuhla njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi.

Ungokwangempela okwakufanekisiwe ngenyoka yethusi ehlane, ngesizathu esifanayo, isono nokugula.

³⁰³ UJuda wathatha wabheka, ngelinye ilanga. Futhi lapho ebheka, emva kokuba wayesethathe waMbheka ngempela... Wayekade ebheka kuphela ingcebo, ngaphambi kwalokho, ibhodwe lemali ababenalo. Kodwa ngelinye ilanga lapho ebheka futhi wabona uJesus, niyazi ukuthi uboneni na? Ubonile ukuthi wayenecala. Ubonile ukuthi wayengakufanele ukuphila, futhi wazilengisa.

³⁰⁴ Ngokunye ukusa, okunye kokusa okukhulu ukwedlula konke kuwo wonke umlando wesikhathi. Sengivala, ngisho lokhu. Kukhona okwenzekayo eJerusalema, futhi khona-manjalo isigejane samasosha sehlela e—ejele. Sengiyakuzwa ukukhehleza kwama—maketango; ngizwa ukuhudulwa komkhonto emgwaqeni.

³⁰⁵ Ubani ongemuva phakathi lapho na? UBaraba. Uselungele ukufa. Uyisela. Akalungile. Ungumphangi. Ungumbulali. Uzofa.

³⁰⁶ Into yokuqala niyazi, wathi, “Awu, sekungukuphela kwami. Ngizonqunywa kulokhu ukusa.”

³⁰⁷ Into yokuqala niyazi, umqaphi uvula umnyango, “Phuma, Baraba.”

Waphuma wayesethi, “Awu, ngiqagele ngukuphela lokhu.”

Wathi, “Baraba, ukhululeke uqobo.”

“Ini? Nginjani? Ngi . . .”

“Ukhululeke ngokoqobo! Ukhulelekile,” ngasho.

Wathi, “Ngingakhululeka kanjani?”

³⁰⁸ Wathi, “Awu, woza lapha, Baraba, bheka phezulu *laphaya*. Uyambona lowayaMuntu ofayo phezulu laphaya? Uthathe indawo yakho.”

³⁰⁹ Angazi noma ngabe thina sonke, kulobubusuku, besingabheka yini futhi sibone akubonayo uBaraba, umuntu ethatha indawo yethu na? “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu. Isijeziro sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo; nangemivimbo yaYo,” ngaphiliswa, naphiliswa. Angazi noma ngabe thina, esinecala, ebesifanele sigule, singakubona yini kuYe ukukhululwa kwethu na? Nina obekufanele niye esihogweni; nibone kuYe inkululeko yenu, intuba yenu yokuya eZulwini. Angazi noma ngabe ningakubona yini okwabonwa nguBaraba ngalolosuku na?

³¹⁰ Wathi, “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, kepha nina niyakuNgibona.” O, bandla! Manje-ke, uma Athi, “NiyakuNgibona,” kungukufakazisa ukuthi ungabheka futhi. “NiyakuNgibona, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Nini? Umbona kanjani na? EZwini.

UyiZwi. Bhekali eZwini futhi nibone ukuthi isithembiso siyini, ngokuba Unguyena izolo, namuhla, naphakade.

³¹¹ Ayeyikho ngenkathi Ehamba eGalile, yinto efanayo Ayiyo kulobubusuku eJeffersonville, into efanayo Ayiyo eTabernakele likaBranham. Ubheka ukuthi uboneni, umqambi, indoda yehlelo na? Soze walibona kuJesu. Ubheka ukuthi ubone okunye kobupristi obukhulu na? Soze wabubona kuJesu. Qhabo. Umbona kanjani uJesu na? NgeZwi likaNkulunkulu libonakaliswa, ngoba WayeyiZwi elibonakalisiweyo likaNkulunkulu. Ayeyikho ngaleyonkathi, Uyikho kulobubusuku, futhi uyoba yikho kuze kube-phakade.

³¹² Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Ngizokunquma lokhu kuthi ukuba kufishane.

³¹³ Nkosi Jesu, ngumkhuleko wami, mangibheke laphaya ngisuke eminakweni yokuphila. Nkosi, ngi—ngiyazi singabantu abajwayelekile nje, abangafundile. Asinakho okuningi kwezimpahla zalezizwe, kodwa sithanda Wena, Nkosi.

³¹⁴ Futhi ngikhulumela lababantu. Bebengeke bahlale endaweni enjengale, futhi bampintsheke futhi babondane, futhi macala onke ezixukwini; futhi bahlale, besha, eku—kushiseni; noma bebulawa amakhaza emakhazeni, futhi bame e... futhi beletha abantwana babo nabo, abagulayo nabahluphekile, beza ngapha; uma beza lapha ukuba babone noma yini enye ngaphandle kwaKho. Lababantu, Nkosi, bebengeke neze bezele ukuzobona umuntu. Mningi kakhulu umuntu omgwaqeni; bonke babukeka befana.

³¹⁵ Kodwa beza ukuzobona lowoMuntu, lowoMuntu kaNkulunkulu, lowoJesu waseNazaretha wenyama, enguNkulunkulu. Manje, Baba, Usitshelile ukuthi, “Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaKubona,” akunandaba ukuthi babuka kakhulu kanjani, abasoze baLibone. Kodwa Wena wathi, “Nina niyakuNgibona,” ikholwa leqiniso, “ngoba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube-sekupheleni kwezwe.” Usithembisile, uma sibheka, besingabona. Futhi ngiyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi Uzowugwalisa lowomBhalo kithi futhi kulobubusuku, ukuze sibheke sibone uJesu Ezazisa kithi, ngendlela efanayo Anayo njalo, egcwalisa iZwi laKhe, kusukela emva kwalokhu, Nkosi.

³¹⁶ Futhi ngenze istatimende, ngaphambi kwalokhu, futhi ngizosho ngeqiniso lezizinto ngokubela enhliziyweni yami, mayelana neMidonso, futhi Ungitshelile. Futhi manje, njengoba kungabonakala kuyimfihlakalo impela, uma kuphela besingancinza unembeza wethu ongaphakathi, futhi sibone ukuthi lezizinto bezingeke zishiwo ngaphambili, ngokuphelele njengoba zinjalo, ngaphandle uma kuvele kuNkulunkulu.

³¹⁷ Besingayibona kanjani leyonto yokuQala yenzeka na? Ibingenzeka kanjani eyesiBili na? Ibingenzeka kanjani

eyesiThathu na? Besingama kanjani lapha, izinyanga ngaphambi kokuba kwenzekwe, futhi ngisho ukuthi kwakuzokwenzekani eTucson na? Futhi sivule iziMpawu eziyisiKhombisa, futhi sibuyise imfihlakalo, futhi sembule izinto ezifihlakele zikaNkulunkulu, ebifihliwe selokhu kwaqala isikhathi. Nokukubona, kokubili kwafakaza, kwafakazelwa, kwaqiniswa ngokwesayense!

³¹⁸ Nkosi, Uyinqaba yethu namandla. Uyikho konke esinakho. Futhi ngiyaKubonga, ngokuba, Nkosi, yingxenye yalendlela yaKho enkulu yokuphatha. NgiyaKubonga, ngokuba yilunga loMzimba waKho, kanye nabaningi lapha abangamalunga alowoMzimba, abaningi bonke ngaphandle ezweni lonke emabandleni ehlukeni, abangamalunga alowoMzimba kaKristu ofiphele.

³¹⁹ Njalo uma sibheka, sibona Yena! Sibona Yena uma izinyoni zikhala. SiMbone uma ilanga liphuma, noma uma lishona. SiMuzwe emaculweni. SiMbhekisise kubantu baKhe. SiMbone eqinisekisa iZwi laKhe.

³²⁰ O Nkosi, UnguNkulunkulu wethu. Kusesekuseni siyobiza Wena. Wena unguBaba wethu onesihawu. Sithethelele ngeziphosiso zethu.

³²¹ Nkosi, sisesikhathi sokuphela. Ngiyabona iminyango masinya izovalwa, iminyango yethuba. Futhi kusesemini futhi ngisakwazi ukungena kwezinye zalezizindawo, Nkosi, ngisize ukuba ngihambe. Sengigugile; ngiphe amandla. Hlumelelisa ubusha bami, Nkosi. Ngisize, ukuba kubekhona engikwenzayo phandle lapho, manje, ukuthi ngilinde lesisikhathi esikhulu ukuba sifike, esizoba lapha. Ngisize, Nkosi, lapho ngiphuma, ukuze ngikwazi, ngaphansi kwendlela ethize, ukubamba leyoMbewu eyamiselwa ngaphambili, eyobuyisa iNkosi uJesu. Siza, O Nkulunkulu!

³²² Futhi uma ngibeka isisekelo omunye oyoma phezu kwaso, siphe khona, Nkosi, ukuthi masinya kuzokwenzeka, ukuze iZwi ligcwaliseke.

³²³ Isifiso sezinhliziyu zethu ngokubona iZwi laKho ligcwalisa. SiyaKuthanda. SiyaKukholwa. Phakathi kwabangakholwa, abantu abangabazayo, isizukulwane sa—sa—salokho esinakho namuhla, Nkosi Nkulunkulu, sisakholwa ukuthi iZwi laKho alisoze lehluleke. Siyakholwa, ukuthi, “Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa Alisoze lehluleke.” Simi sinesibindi ngaleLo.

³²⁴ Manje, Baba, kuleliqembu elincane elilindile. Kukhona abaningi abagulayo phakathi lapha. Futhi kungahle kubekhona ongasindisiwe phakathi lapha. Abantu abasindisiwe, kepha nokho engakagcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Nkosi Nkulunkulu, kwangathi Ungeza kanjalo enkundleni, ngeZwi laKho lesithembiso, ukuthi abantu bazobheka bese bebona uJesu, bese-ke bekhothama futhi banikelele izinhliziyu zabo

kuYe. Kwangathi abagulayo bangabheka bese bebona ukuthi akunakwenzeka kunoma yini enye ukuba ikwenze, kuphela nguNkulunkulu, ngoba yisithembiso seZwi laKhe.

³²⁵ Esikushilo namuhla, iMilayezo yomibili, kwangathi kungaqiniswa manje. Konke kusezandleni zaKho, Nkosi. Futhi ngisezandleni zaKho. Ne—ibandla lisezandleni zaKho. Sebenza ngathi, Nkosi, ukuba sihloniphe iGama laKho elikhulu. O Wena oPhakade, siphe lokhu kube okwenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

³²⁶ Ngiyazi kuyashisa, futhi ngifuna ukuzama ukukhulekela abagulayo manje. Futhi uma nje nizonginika cishe eyishumi nanhlanu, imizuzu engamashumi amabili, angazi ukuthi amakhadi amangaki awakhiphile, kodwa nje sizozala futhi sikhulekele abagulayo.

³²⁷ Manje, uBilly ungitshela ukuthi ukhipha, bekuyiliphi? [Omunye uthi, “Kusukela kwelokuqala kuya ekhulwini.”—Umhl. . . Ini, ini? [Omunye uyaphendula.] Kulungile. Awu, asiqale. Uthe ukhipha kusukela kwelokuqala kuya ekhulwini. Bangaki onamakhadi omkhuleko lapha na? Phakamisani izandla zenu; amakhadi okukhulekelwa. Awu, kunesibalo impela. Sizozama ukufinyelela kukho konke okunokwenzeka ukuthi sikwenze, uma singakwenza. Manje, ngeke saba nokubona okufihlakele kubobonke, niyazi, ngakho sizovele sikhuleke nje. Futhi, wonke umuntu, bangaki lapha ongenalo ikhadi lokukhulekelwa, kepha nokho ugula na? Phakamisa isandla sakho. Bangingi.

³²⁸ Manje, bhekani. Yini na? Manje, ngiyazi, singathi uku—ukwephuza kancanyana ohlelweni, cishe imizuzu eyishumi nanhlanu, kodwa ngifuna ukusho lento eyodwa. Kungahle kube ngumehluko maphakathi, lapha, ukuchitha iPhakade eZulwini noma esiHogweni. Niyabo? Bhekani, hloniphani ngokuzithoba futhi nibhekisise, umzuzu, lalalani eZwini, futhi nibone uma Esalokhu enguye uKristu.

³²⁹ Manje, wonke umuntu lapha mhlampe uyangazi. Futhi abaningi benu angibazi, ngoba angibi lapha isikhathi eside esenele ukuba nginazi. Futhi abaningi benu bangabangaphandle kwedolobha. Bangaki okungabantu bangaphandle kwedolobha, phakamisani izandla zenu. Niyabo?

³³⁰ Manje, ngabuza umuntu ezansi nedolobha, ngeliny’ilanga, ngathi, “Uke wenyuke nje?”

³³¹ Wathi, “Asikho isidingo sokuba size.” Wathi, “Bangingi kakhulu abangabangaphandle kwedolobha, ofika lapho, asikwazi ukungena.” Niyabo?

³³² Kodwa lokho ku—lokho kulungile. Sizobalungisela indlela yokuba bangene. Nize, noma kanjani. Qaphelani, baba nethuba ngaphambi kokuba nibenalo. Ya.

³³³ Manje khumbulani, manje, ngingumfowenu nje. Ngingeqiniso ukuthi niyakuqonda lokho. Ngingumuntu; Yena unguNkulunkulu. Kodwa uNkulunkulu angasebenza kuphela, futhi ubesebenza njalo, futhi esebenza kuphela, ngomuntu. Manje bhekani kulobubusuku, hhayi kimi noma kunoma yimuphi omunye umuntu, kodwa bhekani kuJesu Kristu.

³³⁴ Manje bhekani kulobubusuku emBhalweni, ukuthi Lethembisani. Bangaki kini...Nginganikeza nje zonke izinhlobo zemiBhalo, kodwa bangaki nje abazokholwa amaHeberu 13:8, ukuthi, “UJesu Kristu nguyena izolo...”? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi bangaki abakholwa nguJohane 14:12, “Imisebenzi eNgiyenzayo mina nani futhi”? [“Amen.”] Niyabo? Bangaki okukholwayo ukuthi Wethembisa ukuthi zona impela izinto Azenza, endleleni yo “kwahlulela imicabango enhliziyweni,” ziyobuya futhi osukwini lokugcina ngaphambi nje kokuFika kwaKhe na? [“Amen.”] Ehhe. Impela. Sonke siyakwazi. Kulungile. O, mingaki eminye futhi, amakhulu ngamakhulu emiBhalo, kodwa siyakwazi!

³³⁵ Manje bhekani. Ningabheki ukuba nibone umfundisi. Ningabheki ukuba nibone umelusi. Bhekani ukubona uJesu. Ningaboni umuntu; bonani uJesu. Uma nibheka, bonani Yena. Ukuba benginganisiza, bengizokwenza, kodwa angikwazi. Angikwazi ukunisiza; ngingumfowenu nje. Kodwa, UyiNkosi yenu, bhekani kuYe futhi nikhole. Kulungile.

³³⁶ Manje asiqale ngekhadi lokukhulekelwa eliyinombolo... Awu, sizozala enombolweni yokuqala. Bangaki...Inombolo yokuqala, ubani onekhadi lokukhulekelwa eliyinombolo yokuqala na? Phakamisa isandla sakho. Iphi na? [Omunye uthi, “Emuva impela laphaya.”—Umhl.] Usho ukuthi elakho... [“Limile.”] Bekuyilelo na? O, ngiyaxolisa. Kulungile. Inombolo yokuqala, yenyukela lapha, nenekazi, kulungile...Yiyiphi indlela enifuna ukuba letha ngayo, *ngalendlela* na? Kulungile, wozani *lapha* ngqo, uma—uma nikwazi ukuhamba. Uma kubizwa noma ubani manje, oyisishosha, abanye bethu basize ukuba banikhophule. Inombolo yokuqala.

³³⁷ Inombolo yesibili, ubani onekhadi lokukhulekelwa lesibili na? Phakamisa isandla sakho, sheshisa ngakho konke. Inombolo yesibili, liphi na? Angiliboni. Kuphi? Ngiyaxolisa, a—angi... Khona ngapha, nenekazi.

³³⁸ Inombolo yesithathu, ungasukuma, noma okuthize na? Kulungile, inombolo yesithathu.

³³⁹ Inombolo yesine. Ikhadi lokukhulekelwa eliyinombolo yesine, ungasiphakamisa isandla sakho na? Liphi na? Angiliboni. Ikhadi lokukhulekelwa eliyinombolo yesine. Uthini? Inombolo yesine.

³⁴⁰ Inombolo yesihlanu. Ubani onenombolo yesihlanu, ungasiphakamisa isandla sakho na? Angiyiboni. Inombolo yesihlanu.

³⁴¹ Inombolo yesithupha. Inombolo yesithupha. Ngokushesha, shesha impela, inombolo yesithupha. Kulungile.

Isikhombisa. Wena, isikhombisa na? Kulungile. Nakho-ke.

³⁴² Isishiyagalombili. Isishiyagalombili, ngokushesha impela manje. Sukuma, usheshe impela. Kulungile, isishiyagalombili. Lokho kuhle, mnumzane.

Isishiyagalolunye. Isishiyagalolunye, likuphi na? Inombolo yesishiyagalolunye. Kulungile.

Inombolo yeshumi. Ishumi, kulungile, ishumi, khona ngapha. Ishumi.

Ishumi nanye, ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nanhlanu.

³⁴³ Futhi angizukubiza abaningi kakhulu, ukuze nithole... Niyabo, isizathu sokuthi senze lokhu... Yikhadi nje elinenombolo kulo, niyabo, futhi uza ngalenombolo nje. Lokho kubagcina beme umugqa.

Ishumi nanhlanu. Ikhadi lokukhulekelwa leshumi nanhlanu. Kulungile.

³⁴⁴ Ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalolunye, amashumi amabili, amashumi amabili-nanye, amashumi amabili-nambili, amashumi amabili-nantathu, amashumi amabili-nane, amashumi amabili-nanhlanu.

³⁴⁵ Mabeze, bame umugqa manje, amashumi amabili-nanhlanu, nize nakhe umugqa wenu. Sukumani nje manje ngokwezimbolo zenu. Kunjalo. Ningezi kanyekanye. Wozani ngapha ngenye indlela, uma nithanda, uma ningapho, futhi nize. Manje amashumi amabili- . . .

³⁴⁶ Sibize ini, amashumi amabili-nanhlanu na? [Omunye uthi, "Amashumi amabili-nanhlanu."—Umhl.] Kulungile, asiphumule emashumini amabili-nanhlanu, okomzuzu nje. Kulungile.

³⁴⁷ Manje ngithi, uma ningafuni ukuma isikhathi eside kakhulu, uma ubona lokho kwehla, bese-ke ningena kanye nabo ngqo; amashumi amabili-nanhlanu, amashumi amabili-nesithupha, amashumi amabili-nesikhombisa. Nje, awu, lindani, umugqa awuthi ukwehla kancane, anizukudingeka ukuthi nime isikhathi esikhulu kakhulu, isikhathi eside kakhulu.

Manje asikhothamise amakhanda ethu.

³⁴⁸ O, bangani, manje ini? Manje sikuphi na? Manje siseku—kupheleni. Sisesikhathini lapho khona okufanele ibekhona into eyenziwayo, sathi "yebo" noma "qha." UNkulunkulu uzofanele atholakale eqinisile noma enephutha.

349 Manje, namhlanje ngishumayeke izintshumayelo ezimbili, ezil'ukhuni, ngizama ukunitshela ukuthi Uyini, nginitshela ukuthi isikhathi siyavala; ukuthi Uyini, ukuthi Wayeyini. Futhi manje uma sibheka, kulobubusuku, asIMbheke.

350 Manje, wonke umuntu, eGameni leNkosi uJesu, hlala nje esihlalweni sakho manje. Ungalokhu unyakazisa. Hlala uthule ngempela uze ubizwe. Abantwana abancane aba . . .

351 Manje, uma kwenzeka ngithi, "Khothamisa ikhanda lakho," ukwenze masinya impela, s'thandwa, ngoba izinto ezimbi ziyasuka, njengomdlavuza nezifo, futhi uphumela phakathi kwabantu, bese ungena kwabanye. Wonke lowo okukholwayo lokho, futhi owaziyo ukuthi ngumBhalo, thana, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Siyathola, eBhayibhelini, ukuthi imimoya emibi yasuka komunye yangena komunye, ngenkathi ikhishwa. Futhi izama ukuthola indawo.

352 Futhi kukangaki sikubona emhlanganweni! Abantu beza emhlanganweni, bephile saka futhi bekahle, bahlale lapho futhi bagxeke; futhi, usuku noma ezimbili emva kwalokho, batholakale bephuphutheke ngokuphelele, noma beshaywe ngumdlavuza, bakhubazeka. Niyabo, ngoba babengabangakholwayo. Anginacala ngabo; kuphela abakholwayo. Abaningi babo baya esikhungweni, eminyakeni eyadlula, futhi lokho bese lapho, abanye baya ethuneni labo, ngenxa nje yokuzidla, ukungakholwa.

353 Akukho ndawo yokungakholwa manje. Yindawo yabakholwayo. Yibani nokukholwa kuNkulunkulu!

354 Baba waseZulwini, manje umhlangano ungowaKho; ubungowaKho, ngasonke isikhathi. Manje, ngingakhuluma ngeZwi laKho; kodwa manje, kusukela manje kuqhubeke, angikwazi ukukhuluma. NguWe Okhulumayo manje, Nkosi. Makwazeke ukuthi inceku yaKho ibatshela iQiniso. Kwangathi abantu lapha, mhlawumbe abaningi lapha bayagula, futhi ngeke babekhona ngisho emgqeni womkhuleko, kodwa Usekhona lapha, Nkosi. Ungaphilisa khona lapho, njengoba nje Ungaphilisa noma kuphi. Makuthi iZwi laKho lenziwe laziwe, eGameni likaJesu, ngiyakhuleka. Amen.

355 Manje uma ngingahle ngithole ukunakisisa kwenu umzuzwana nje. Ngifuna ukubheka phansi kulomugqa womkhuleko. Angikholwa ngempela ukuthi ukhona umuntu oyedwa engimaziyo. Ngabe wena, kulomugqa womkhuleko, nonke niyizihambi kimi, niyazi ukuthi anginazi na? Phakamisani izandla zenu uma niyizo. Bayizo. Bangaki khona lapho owaziyo ukuthi angazi lutho ngani na? Phakamisani izandla zenu, khona lapho, niyabo. Impela, amapesente ayisishiyagalolunye-nanhlanu abantu lapha, angazi. Yiqiniso lelo.

356 Manje nangu owesifazane omncane, angikaze ngimbone empilweni yami. Uyisihambi ngempela kimi. Manje, angahle

ukuba ulapha ngokugula. Angahle ukuba ulapha... Angahle ukuba wenze okuthize. Angahle ukuba ulapha ngenxa yezezimali. Mhlawumbe inkathazo yekhaya. Mhlawumbe ulapha ngenxa yomunye umuntu. Angazi. Anginalwazi.

³⁵⁷ Kodwa nasi ngempela isithombe esikuJohane oNgcwele, isahluko 4, owesilisa nowesifazane babonana okokuqala. Futhi akungabazeki, ukuthi, owesifazane osemncane owabonana noJesu, Wayemdala kakhulu kunaye, ngoba, “Yena,” bathi, “Wayebukeka enamashumi amahlanu, noma ngaphezu kwamashumi amahlanu,” futhi mhlampe owesifazane nje omuhle osemncane owayephandle lapho emthonjeni, wayeyintombazane esencane nje. Futhi lapha futhi, kulobubusuku, kubonana abantu ababili, omncane nomdala, bengazani.

³⁵⁸ Futhi manje umi lapho. Kukhona isizathu esithize ngokuba lapho. Angazi. Angahle ukuba umi lapho, njengomkhohlisi. Angahle ukuba umi lapho, esho okuthize, kube kungesikho, ukuba nje abone ukuthi kuzokwenzekani. Uma kuyikho, bhekisisa ukuthi kwenzekani. Niyabo? Niyabo?

³⁵⁹ Manje, angilazi inenekazi; angikaze ngilibone. Livele nje laphakamisa isandla salo, esikhashaneni esedlule, ukuthi bengiyisihambi kulo. Nami ngiphakamisa isandla sami, liyisihambi kimi. Angikaze ngilibone. Awu, manje uma ngi. . .

³⁶⁰ Njengomuntu nje, bengizothi, “Nenekazi, yin’indaba kuwe na? Wenzani lapha? Ufunani na?”

³⁶¹ Futhi ubezothi, “Mnumzane Branham, ngi—ngilapha ngoba ngi—ngiphethwe ngu—ngumdlavuzwa. Ngiphethwe yiTB. Ngiphethwe yithumba.” Noma, “Anginamali. Ngii... Umyeni wami wangishiya.” Noma, “Angishadile, nesoka lami lenza kanjalo.” Ubezofanele angitshele.

³⁶² “Awu,” bengizothi, “kulungile, ngizo—ngizo—ngizokukhulekela; futhi ngibeke izandla zami phezu kwakho, bese ngithi, ‘Nkosi Nkulunkulu, yipha lona wesifazane akufunayo. Amen. Jesu, kwenze!’” Ngimdedele ahambe. Awu, ngiqagele, uma ekukholiwe lokho, ubesosinda. Kunjalo. Lokho bekuyinkonzo eminingi, iminyaka eminingi.

³⁶³ Kodwa kwethenjiswa, ngezinsuku zokugcina, ukuthi njengeNgilosi, uNkulunkulu, wayehlala emzimbeni womuntu okhuphukayo ngaphambi nje kokuba iSodoma lishiswe, futhi Uhlezi Efulathele ithende lapho okwakukhona khona uSara, futhi watshela uAbrahama ukuthi wayecabangani ethendeni; uNkulunkulu, enyameni yomuntu, egqoke izingubo zomuntu.

³⁶⁴ Futhi ileyondlela kuphela uNkulunkulu angayenza namhlanje, kulapho uma Engena enyameni yakho, niyabo, ekhombisa ukuthi uNkulunkulu uyobonakaliswa enyameni yomuntu.

³⁶⁵ UJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ukufika kweNdodana yomuntu.” Sinesithunywa, uBilly Graham nabanye ezansi lapho eSodoma, kodwa iBandla elikhethiweyo lemukela uMlayezo nesithunywa.

³⁶⁶ Manje, uma lelinenekazi elincane...uma uMoya oNgewele...Angisho ukuthi Uzokwenza, uma Ezofika futhi angitshele ukuthi yini oyimele lapha, noma—noma yini oyifunayo, noma into ethize oyenzile, noma into ethize osuzoyenza. Ngani, ubuzokwazi ukuthi ibizobe ivela emthonjeni ongaphezu kwemvelo, ngoba nje simi lapha, niyabo. Lokho bezozoba ngokuqinisileyo, bekungeke na? Khona-ke ubuzokwazi ukuthi ibizobe ivele emandleni angaphezu kwemvelo. Futhi uma iBhayibheli lathi uJesu wenza leyonto efanayo, futhi wethembisa ukuyenza futhi ngezinsuku zokugcina, khona-ke ubukholwa ukuthi bekunguYe. Bangaki abebizokholwa yinto efanayo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Khona-ke benizobona uJesu. Benizobona iZwi laKhe.

Manje wena uthi, “Ngabe UyiZwi na?”

³⁶⁷ IBhayibheli lithi UyiZwi. NeBhayibheli lathi iZwi lehlulela imicabango osenhliziyweni. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Khona-ke kuzoba yiZwi elikhulunywe ngezindebe zomuntu, lehlulela imicabango.

³⁶⁸ Manje, ngeke. Anginayo indlela yokukwenza, niyabo, ngoba angilazi; kodwa Yena uyalazi, futhi UyiZwi.

³⁶⁹ Futhi nguYe Ongathatha imimoya yethu yomibili, njengowesifazane emthonjeni, naYe, futhi awuxubanise; bese-ke ehamba futhi angikhombise ukuthi nje yini eliyizele lapha, ukuthi lenzeni, noma lifunani, noma okuthize. Khona-ke ngingakukhuluma bese ngikusho, bese kuba kulo-ke.

³⁷⁰ Manje wena uthi, “Mfowethu Braham, ungaliphilisa na?” Qhabo, qhabo. Ngeke ngakwenza lokho. Usevele ukwenzile. Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina.

³⁷¹ Kodwa lokho nje kungukukhulisa ukholo lwalo, ukuba lazi, ukuthi, uma Azi ukuthi belinjani nokuthi lifunani, Uyazi—Uyazi ukuthi kuphiwa kanjani nokuthi lizoba yini kamuva. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, wonke umuntu uyakukholwa lokho na? [“Amen.”]

³⁷² Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela. Nani bantu lapho manje, eningenawo amakhadi okukhulekelwa, khulekani.

³⁷³ Manje, khumbulani, uJesu wedlula eqenjini ngeliny’ilanga, nowesifazane omncane wathinta ingubo yaKhe. Futhi Waphenduka, wathi, “Ubani oNgithintile na?” Futhi Waqalaza kulolonke ibandla waze Wamthola, futhi wamtshela ukuthi wayenompho. Negazi lakhe lanqamuka ngalesosikhathi. Niyabo?

374 Manje, iBhayibheli lathi manje Ungu “mPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Kunjalo na?

375 Ngibuka laphaya kuMfowethu Way, ehlezi lapha eceleni komkakhe. Maduzane nje leyondoda ibimi lapha esikhashaneni esedlule ngisashumayela, njengoba nje uPawulu washumayela ubusuku bonke ngobunye ubusuku, nalendoda yawa yafa ezethamelini ngqo. NoMoya oNgcwele wabuye wayiphilisa ngqo futhi. Ingufakazi, niyabo, ukuthi, “uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

376 Bangaki abangakaze bambone uMfowethu Way, futhi bangathanda ukumbona; phakamisani izandla zenu, abangakaze bambone. Mfowethu Way, ungasukuma na? Nansi indoda, yawa yafa cishe lapho ihlezi khona khona manje. Nangu umkayo, unesi orijistiwe, emi khona lapho. Wayengasenakho ukushaya kwemizwa, esehambile; amehlo akhe esekweqile, futhi wayesemnyama ebusweni bakhe; ukuhlaselwa yinhliziyu.

377 Udokotela wamtshela ukuthi wayenokukhathazwa yinhliziyu. Ngaphambi kwalokho, ngangikutholile ngokubona okufihlakele, esikhathini esingaside esedlule, futhi ngamtshela ukuthi wayenokukhathazwa yinhliziyu. Kwase kuthi-ke, khona manjalo, inhliziyu yakhe yama, futhi waze wayoshayeka phansi. Futhi wayelapho, elele lapho, eseshone ngempela.

378 Lokho sekucishe kube ngokwesithupha noma okwesishiyagalombili ngibona iNkosi uJesu evusa abafileyo. NgiMbonile ekwenza, futhi Angakwenza kulobubusuku.

379 Manje ngithatha bonke omoya, phakathi lapha, babephansi kokulawula kwami, kube okwenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu. Hloniphani ngokuzithoba. Nibhekisise.

380 Ngifuna ukukhuluma nawe, nenekazi. Kade ngishumayela, niyabo. Nokubamba umoya wakho nje, yilokho impela engikwenzayo. Uyabo?

381 Kukhona into ekuwe, ukuphila, kungenjalo ubungeke ume lapho; ubuzoba yisimo nje, ulele ufile, futhi ubungeke ube nokuphila kuwe. Kodwa, ngokuthi unokuphila kuleyonyama, kuyakulawula. Uyabo? Futhi manje ngisho nemicabango yakho nalokho okucabangayo, amazwi owashoyo, nakho konke, yilokho ophila ngakho. Uyabo? Yilokho oyikho, ngamazwi akho, nemicabango yakho, nanoma yini oyikho.

Manje, si, silapha, sikholwa. Manje uMoya oNgcwele . . .

Njengoba uJesu atshela owesifazane, “Ngiphuzise.”

382 Futhi, ngenkathi eletha, wathi, “Ngani, Wena, Ubungafanele ungicele lokho. Ngi—ngingumSamarinya. Wena u . . . UngumJuda. Asinamasiko komunye nomunye, akukho—akukho-ndlela, amazwi komunye nomunye.”

383 Manje, kodwa, kusobala, sobabili singoweZizwe. Futhi simi lapha sikhohwa kuNkulunkulu nje. Manje, uma uMoya waKhe ufika ngami ngesiphiwo, futhi ngingakutshela ukuthi yini; ukuthi uyazi ukuthi kuyiqiniso noma qha, ngoba uyiphilile leyongxenywe yempilo. Manje-ke, manje-ke unesiphiwo, sokusikhohwa. Futhi uma uzosikhohwa, futhi Uzokutshela ngaso, khona-ke sekuphelile. Futhi sizosebenza kuwo wonke umuntu lapha. Manje, wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba impela.

384 Nenekazi liphethwe yinto ethize engalungile emphinjeni walo. Yisimo somphimbo. Uma lokho kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho. Manje, angikaze ngilibone empilweni yami. Kunjalo. Yilokho elukuzele lapha, ukuba ngikhulekele umphimbo walo.

385 Manje, ngaso lesosikhathi, ngithe nje ngingasho lokho, noma nje ngaphambili, beli...Lazile ukuthi bekukhona Into ethize eduze kwalo. Into ethize iza eduze kwalo, ngaso lesosikhathi. Beningakubona ukunyakaza phezu kwalo, into ezwakala kamnandi impela, kanjalo, ishayile.

386 Lokho kuKhanya enikubona esithombeni. Ukuphi, George na? Lokho kuKhanya okwakusesithombeni, kulenga phezu kowesifazane, ngqo khona manje. Niyabo, ngelinye izinga. Liyikhohwa, hhayi umzencisi. Liyikhohwa.

387 Manje, ngokuthi uyikhohwa, uyangikhohwa ukuthi ngiyinceku yaKhe nomprofethi na? Ufanele, ukuze wazi lokho. [Udade uthi, "Yebo, mumnzane."—Umhl.] Uyakhohwa ukuthi Angakutshela ezinye izinto esenhliziyweni yakho na? ["Yebo, mnumzane."] Kulungile.

388 Nansi into ethize esenhliziyweni yakho. Ngumuntu othize omkhulekelayo; umntwana. Uyakhohwa ukuthi Angangitshela ukuthi yini engalungile kuye na? Unegcinwane ivirusi. Kunjalo na? [Udade uthi, "Kunjalo. Yebo."—Umhl.] Uyakhohwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? ["Yebo, mnuzane."] UnguNkk. Walker. ["Kunjalo."] Awusuye owalapha. ["Qhabo."] UngowaseNingizimu. ["Kunjalo."] EGeorgia. ["Kunjalo."] Uya ekhaya, usindile. UJesu Kristu usekuphilisile wena nomntwana wakho. Ungakhathazeki ngakho. Sekuphelile. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

389 Sawubona? Manje nangu omunye wesifazane. Angimazi, angikaze ngimbone. Ungowesifazane nje omi lapho. Manje buka, kade ngishumayela, ngakho konke, kusukela cishe ngelesishiyagalombili nqo, futhi sekungeleshumi manje. Lokho sekungamahora amabili ngilapha. Lokho kubona okufihlakele okukodwa kungiqede amandla ukwedlula lawomahora amabili okushumayela. Uyabo? Lokho yi...uyabo?

Wena uthi, "Uqonde ukusho njalo na?" O, yebo.

³⁹⁰ Lowo wesifazane owathinta umphetho wengubo yaKhe. Wathi, “Ngiyabona ukuthi kuphumile amandla kiMi,” amandla okuqina. Kunjalo na? Kwenza lokho-ke.

Manje, nangu owesifazane engingakaze ngimbone.

³⁹¹ UBilly uye laphaya, uma niqaphele into ethize, futhi wacaphuna lowomfana esinaye lapha enathi, uGeorge. Ungumfana oyiBaptisti. Ngifuna abone ukuthi esikhuluma ngakho nguNkulunkulu. Uyise u, umndeni, ungabantu abanomoya omuhle. BaseMexico, isithunywa senkolo, indoda ekahle. Noyise uyagula, futhi. Ngimlindele nje ukuba afike. Manje bhekisisa nje ngokusondele, George.

³⁹² Manje, lelinenekazi, a—a—angilazi. A—angikaze ngilibone. Ngithemba ukuthi siyizihambi omunye komunye. [Udade uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Asazani.

³⁹³ Kodwa manje, uMoya oNgcwele, ubumnandi bukaJesu ekhona, sonke siyazibonela lokho. Manje uma iNkosi uJesu izokwembula kimi into ethize ngawe. . .

³⁹⁴ Manje, ukuba bengingakuphilisa, bengingakwenza, kodwa angikwazi ukwenza Asevele ekwenzile. Into kuphela, ukuba Ubemi lapha kulobubusuku efake lesudu, Angipha yona, awu, manje, U—Ubengeke akuphilise, ngoba Usevele ukwenzile. “Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina.” Niyabo? Kodwa into kuphela Abengayenza, ukuzimemezela Yena ngeZwi Alethembisa, futhi akwenze ubone ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi Wethembisa ukukwenza.

³⁹⁵ Manje uma Ezongisebenzisa ukukutshela ukuthi kuyini ongakho lapha, uzokusebenzisa yini ukukholwa onakho, kuYe, ukuba ukholwe ukuthi uyakwemukela onakho. . .ongakho lapha na? Ngayoyonke inhliziyo yakho na? [Udade uthi, “Yebo, ngizokholwa.”—Umhl.] Kulungile, kwangathi iNkosi ingakupha khona.

³⁹⁶ Ngiyabona inenekazi linto ethize engalungile. Ukuhlola kukhombisa ukuthi yi—yisisu esinesibhono. [Udade uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Kunjalo. [“Kunjalo.”] Yiqiniso, yebo, mnumzane, isisu esinesibhono. [“Yiso.”] Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa lesosibhono na? [“Yebo, mnumzane. Ngikukholwa konke engingakukholwa.”] Wena, konke o—o. . . [“Ngakho konke engingakukholwa.”] UNkulunkulu akubusise. [“UNkulunkulu angasiphilisa isisu sami.”]

³⁹⁷ Manje, awusuye owalapha. [Udade uthi, “Qhabo, mnumzane.”—Umhl.] Kube ngukuzinikela impela ukufinyelela lapha. [“Yebo, kube yikho.”] Kube yikho. [“Ayibongwe iNkosi!”] Ya. Ya. Ungowase Tennessee. [“Yebo, mnumzane.”] Kunjalo. Nkk. Hart. [“Kunjalo.”] Buyela emuva; ungangabazi. Uzophiliswa, uma ungakholwa.

398 Sawubona, nenekazi? Siyizihambi omunye komunye. [Udade uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Angikaze ngikubone empilweni yami, njengokwazi ngakho. Ngingahle, ndawo ndawo emhlanganweni, futhi kungahle ukuba uke wangibona, kodwa angikwazi. UNkulunkulu uyakwazi. Uyakholelwa kimi ukuthi ngiyinceku yaKhe, neZwi engilishumayelile liyiQiniso na? Awu, ngukuthi ngiyisihambi kuwe; neZwi, engilishumayelile, ukholelwe kulo.

399 Into kuphela, ngukuthi, abanye babo bakunikeza ikhadi; phakathi kokuthi ngomunye wabangeni, noma indodana yami, noma othize okunike ikhadi. Inombolo yakho yabizwa, futhi ulapha. Yilokho kuphela engikwaziyo.

400 Kodwa ulapha, uphethwe isimo sokugula kwemizwa. Sikukhathaza kabi. Kukhona onaye. Unomunye omkhulekelayo. Ngu... Ngumyeni wakho. Futhi unenkinga yokomoya angakwazi nje ukuyinqoba. Futhi unomntwana ogulayo, futhi. Awusuye owalapha, kodwa uvela eNyakatho. UngowaseCanada, eAlberta. Kunjalo. Uyangikholwa njengomprofethi kaNkulunkulu, futhi uyakholwa ukuthi engikutshela khona kuyiQiniso, hamba uye ekhaya futhi uzokwemukela okutholile. Yebo. Kholwa. UNkulunkulu akubusise, nenekazi.

401 Ngiyisihambi kuwe. Uyisihambi kimi. Angikwazi. Kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [Udade uthi, “Yebo, ngiyakholwa.”—Umhl.] Ngayoyonke inhliziyi yakho na? Angikwazi, lutho ngawe. Ukuba bengingakuphilisa, bengingenze njalo, kodwa ngingengeke. [“Amen.”] Angisuye umphilisi. Ngingumuntu nje. Kodwa Yena unguNkulunkulu. Ngithe nje ukudideka kancanyana, ngoba kukhona owesifazane osekhulakhulile omi phakathi kwami nawe. Ngumuntu othize omkhulekelayo. [“Yebo.”] Ya. Ngunyoko. [“Yebo, nguye. Yebo.”] Futhi uphethwe yi—yibhiphi. [“Yebo, uphethwe yiyo.”] Futhi une—unesifo esithathelwanayo sezinso. [“Yebo, mnumzane.”] Kunjalo. [“Iqiniso lelo.”] Uyakukholwa lokho na? [“Yebo, ngiyakukholwa.”]

402 Unyoko akekho lapha. [Udade uthi, “Qhabo.”—Umhl.] Kodwa uma uya kuye, thatha lesosikhafu esithandele intamo yakho, bese usibeka phezu kukanyoko, futhi ungangabazi, nebhhiphi izomyeka, nesifo sakho esithathelwanayo sizomuka. Hamba, ukholwe manje.

403 Niyakholwa manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngayoyonke inhliziyi yenu na? [“Amen.”] Manje, niyabo, ngibuka laphaya ngaphesheya ezethamelini, futhi nje kubukeka sengathi nje ku—nje kuqala ukuthi ukuba nenkungu, okufana nayo, khona lapho.

404 “Lezizinto engizenzayo Mina nani niyakuzenza.” Usenze okuningi khona lapha, kulobubusuku, kunoma E...

okwalolohlobo, kunoma Enza kulolonke uhambo empilweni. Kunjalo.

Manje, lelinenekazi elilodwa lapha, owesifazane osemncane. Angimazi, uyisihambi kimi. Kodwa uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Manje umzuzwana nje.

⁴⁰⁵ Indoda ifika phambi kwami, umuntu othize kuyizethameli. Manje umzuzwana nje. Umuntu othize kuyizethameli. Kusuke lapha nje ngaleyonkathi; lokho kuKhanya kusukile lapha. Futhi bekukhona indoda imi ngakuKho, nandawo ndawo ezethamelini. Ungakhathazeki nje; nje yima isibindi.

⁴⁰⁶ Asibuyele emuva futhi futhi sibone kulowo wesifazane. Manje uma iNkosi uNkulunkulu...Lona ngowesithupha noma owesikhombisa, noma okunye okuthize, okwedlule emgqeni, phansi kokubona okufihlakeleyo. Futhi uma iNkosi uJesu izokwembula kimi, kulona wesifazane, noma yini engalungile kuye, ngabe kuzonenza nonke nina abanye nikholwe ngayoyonke inhliziyu yenu na? Beningamemukela uKristu phezu kwalezozisekelo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo? Ngesinye isikhathi ngifanele ngikufakazise. Okukathathu ukuqinisa. Nalokhu ngamashumi ezinkulungwane, kungazange nakanye kube yiphutha.

⁴⁰⁷ Awukho lapha ngesingawe. Ulapha ngowesilisa. Futhi ngiyambona ehlezi nekhandla lakhe libheke phansi. Ubhema usikilidi, futhi ukhulekela ukuthi osikilidi bazomyeka. Lokho yi...Kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingakupha isicelo sakho, dade. Hamba, ukholwa ngayoyonke inhliziyu yakho, futhi kwangathi lowodeveli oyinjwayelo angasuka kumyeni wakho, eGameni leNkosi uJesu.

⁴⁰⁸ Inkathazo yakho iseqolo lakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzolisindisa na? Uyakholwa na? [Udade uthi, “Yebo, ngiyakholwa.”—Umhl.] Kulungile. Hamba, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi.”

⁴⁰⁹ Ngiyamazi lona wesifazane, ngikhholwa ukuthi indodakazi kaNkk. Neece. Akunjalo na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Ngicabangile ukuthi bekuyiyo. UNkulunkulu akubusise. Inkathazo endala yeqolo izosuka kuwe manje futhi usungahamba futhi usinde.

⁴¹⁰ Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa lesosifo samathambo futhi akusindise na? Hamba uMtshela ukuthi uyaMkholwa. Kholwa nje ngayoyonke inhliziyu yakho.

⁴¹¹ Sawubona, mnumzane? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphilisa leyonkathazo yesisu futhi akusindise na? [Umfowethu uthi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile, hamba-ke, uthi, “Ayibongwe iNkosi, ngi-ngizosinda manje.” Futhi—futhi u—uzosinda.

412 Olunye udaba lwesifo samathambo, nokuguga, futhi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa uma ngibeka izandla phezu kwakho na? [Udade uthi, “Ukwenzile izikhathi eziningi, ngawe, ngokubeka izandla zakho phezu kwami, mfowethu.”—Umhl.] Nikuzwile lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”] INkosi imbusise udadewethu, futhi imuphe ukukhululwa futhi kulobubusuku. Amen. Mkholwe nje.

413 Inkathazo yenhliziyi, inkathazo yesisu. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphilisa na? Kulungile. Hamba, eGameni leNkosi uJesu, kwangathi Angakusindisa.

414 Sawubona, mfo osemncane? Isimo sesifuba somoya. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa isifo sesifuba somoya na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Hamba, kukholwe; Uzokwenza. Kulungile.

415 Isimo sesifo sikashukela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaliphilisa igazi lakho futhi akusindise na? Hamba, Mkholwe, futhi Uzokwenza. Uyakhukholwa ngenhliziyi yakho yonke na?

416 Ukuba-ke angishongo lutho kuwe; ngavele nje ngabeka izandla zami phezu kwakho; uyakholwa ukuthi uMoya oNgcwele ulapha ukuba akusindise na? [Isiguli sithi, “Yebo.”—Umhl.] Yileyondlela yokukwenza. Woza lapha. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angahamba futhi aphilise. Amen.

417 Woza, nenekazi. Ukuba angishongo lutho kuwe, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengakuphilisa naleyo yabesifazane itroub- . . . Qhabo, ngiyaxolisa, Usevele ukushilo. Qhubeka. UNkulunkulu akubusise. Hamba, hamba, ukholwa, ke, usinde.

418 Uyakholwa, mnumzane, ngayo yonke inhliziyi yakho na? UNkulunkulu uyayiphilisa inkathazo yenhliziyi Akanjalo na? [Umfowethu uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Wenza umuntu asinde. Ngiqinisekile Uyakhwenza.

419 Yena, UnguNkulunkulu. Niyakhukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakhukholwa ngayoyonke inhliziyi yenu na? [“Amen.”] Yibani nokukholwa kuNkulunkulu!

420 Enye indoda khona lapha yenze into ethize, emizuzwini embalwa nje edlule. Ngifuna ukukuthola lokho. Bekuyigazi. Umuntu othize njengegozi, noma into ethize eyenzekile. Beko—bekopha igazi. Belindawo ndawo. Indoda ibimi lapha. Manje khuleka nje. Yebo, yilo. Yindoda esit- . . . Ngani, nguJ. T. Parnell. Ngiyamazi umfana. Uyopha ngaphakathi, J. T. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Kulungile, lizonqamuka-ke, J. T. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

421 Inenekazi elincane elihlezi khona lapha, libuka ngaphesheya ngqo, lihlezi lapho ngakuMfowethu Grimsley. KunokuKhanya ngakulo. Wena, ukhololo omncane omhlophe. Mary, angikwazi, kodwa lelo yigama lakho. Uhlushwa inkathazo yokomoya,

kanti futhi unokugula kwemizwa ngempela. Khohlwa yikho; konke kuzolunga. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Uma kuphela ungakholwa.

⁴²² Lelinenekazi elincane elihlezi ngemuva ngqo phezulu lapho ohlwini olungemuva, ngale eceleni laphaya, lingelase Michigan, liphethwe yinkathazo yabesifazane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Ungabanakho okucelayo, khona-ke. Uyakholwa na? Amen. Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngiyakwemukela.” Kulungile, usungaya ekhaya futhi usinde. Angilazi inenekazi, kodwa uNkulunkulu uyalazi.

⁴²³ Kuthiwani-ke ngawe lapha okuloluhlaka lombhede na? Nguwena wedwa indoda ekhubazekile, noma indoda esohlakeni lombhede. Ngiyisihambi kuwe. Angikwazi. UNkulunkulu uyakwazi. Kodwa, ngiyasho manje, usibekelwe ukufa. Unomdlavuzo. Usuka kude. Uvela eCincinnati, lapha. Igama lakho nguMnu. Hawk. Kholwa ngayoyonke inhliziyi yakho. Uma uhlezi lapho, uyafa. Yemukela uJesu Kristu futhi uphiliswe. UyaMkholwa na? Ngakho-ke sukuma ume ngezinyawo zakho, uphume kulohlaka, futhi wemukela uJesu Kristu.

⁴²⁴ Bangaki phakathi lapha oMkholwayo, ngalomzuzu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakholwa ngayoyonke inhliziyi yenu na? [“Amen.”] Ngakho-ke masithi, nonke, sukumani khona manje. Sukumani. Manje ngendlela okungeyenu, indlela okhuleka ngayo, beka isandla sakho phezu komunye oseduze kwakho.

⁴²⁵ Uphi uDadewethu Brown na? Kade ehlezi lapha, ephethwe yilokho. Ngoluny’usuku wangibiza efonini, futhi wayengakwazi ukuphakamisa izandla zakhe. Futhi ngabona ukuthi kwakuyinto ethize engalungile egazini lakhe. Ngenkathi ngihlangana naye ngoluny’usuku... Unesifo sikashukela. Uphi na? Ube lapha noNkk. Dauch, esikhashaneni esedlule. Kulungile, Dadewethu Brown. Kulobubusuku, ngifuna ukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho. Ngiyazi uyazi ukuthi yini engalungile ngawe, kodwa ngifuna ukholwe. Uphumile esibhedlela, ukuba uze lapha, uyabo, ukuba ukhulekelwe. Sengiyakukhulekela manje. Kholwa. Uzosinda.

⁴²⁶ Margie, yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Sizohamba khona manje. Sizophela. Angasiphilisa isifo sikashukela, Angakuphilisa kulokho kugula esiswini sakho.

⁴²⁷ Manje ngamunye bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, futhi nje nibambe izandla zenu lapho umzuzu nje. Nje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, bambani... Niyabo, sekwedlulela kweleshumi nanye nqo, nabaningi balababantu uzoshayela eya eTennessee nezindawo ezehlukene.

⁴²⁸ Impela, iNkosi uNkulunkulu isifakazisile. Niboneni, kulobubusuku na? Nibone umuntu noma nibone uJesu, uJesu eqinisa iZwi laKhe na?

429 Lamaduku abekwe lapha, lolugcobo lusephezu kwami, nginezandla zami zibekwe phezu kwalamaduku, ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uSomandla... Bathi, "Bathatha emzimbeni kaPawulu amaduku, noma izindwangu."

430 Nampa labo ababefile, futhi uvusiwe. Kukhona labo lapha ababesezingozini, befihlizekile, baphilisiwe. Kukhona...

431 Ngibona uNkk. Wilson emi lapha, ukuthi, kungekudala, owayophela ukufa, eneTB, eminyakeni eyadlula. Nangu kulobubusuku, odokotela bamnikeza kuphela ukuthi uyophila amahora nje. Nangu emile kulobubusuku.

432 Macala onke, konke lapha, izishosha, izimpumpithe, abakhubazekile, ezihlalweni ezinamasondo nayo yonke into, nampo bemi kulobubusuku njengemiklomelo ephilayo. Kungani na? UJesu Kristu uyaphila, Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

433 Leyondoda ebisanda kufakaza nje, esikhashaneni esedlule, ngayo, phansi lapho, ebinethuthwane, ebinaso yonke leyominyaka, nayoyonke into, futhi kanye nje emhlanganweni. Futhi lokho sekube lapha, cishe impela iminyaka engamashumi ambili eyedlula; ayikaze ibe nokugula okubangwa ukuvaleka kwemithambo yegazi kusukela lapho. Lokho ngokunye kokwezinkulungwane eziyishumi.

434 Ungumphilisi. Amen. Uyaphilisa. Manje, ningaxhuxhumi. Nje, ngokukholwa okufana nokomntwana, bhekani laphaya eKalvari. Valani amehlo enu bese nikhohlwa ukuthi nikuleliTabernakele. Valani amehlo enu bese nikhohlwa ukuthi ukhona umuntu ongakini, bese nibheka kuJesu bese nibona. Bhekani kuJesu manje bese niphila.

Kuqoshiwe eZwini, haleluya!
Kungukuthi kuphela si "bheke bese uphila."

O, "bheka bese uphila," mfowethu, phila,
Bheka kuJesu manje bese uphila;
Kuqoshiwe eZwini, haleluya!
Kungukuthi kuphela u "bheke bese uphila."

435 Valani amehlo enu kumuntu. Valani amehlo enu ezintweni ezingakini. Futhi nibheke ngokukholwa kwenu, kuJesu Kristu, futhi nazi, ukuthi, "Yalinyazwa ngeziphambeko zenu; ngemvimbo yaYo niphilisiwe nina."

436 Nkosi Jesu, njengoba lababantu bekhuleka, futhi, banezandla zabo phezu komunye nomunye. Futhi si... qonda ukuthi simi eBukhoni bophilayo, uJesu Kristu ovukileyo, esimweni sikaMoya oNgcwele, embula kithi izimfihlo zezinhliziyi zethu, esazisa izifiso zethu, futhi esethembisa ukuthi Uyosipha izifiso zethu uma kuphela siyokholwa.

437 Abesilisa nabesifazane banezandla zabo zibekwe phezu komunye nomunye. Bayakhuleka, ngoba siyizakhamizi

zakwethu zoMbuso kaNkulunkulu. Singabazalwane bakwethu nodadewethu bakaJesu Kristu.

⁴³⁸ Futhi, Sathane, siza kuwe ngenselelo yeGama leNkosi uJesu. UyiNkemba. NguYe onquma asuse ukugula. NguYe onquma asuse ukungabaza. UnguMnqobi. Manje sikuphosela inselelo, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi uphume kulababantu, Sathane!

⁴³⁹ IZwi likaNkulunkulu liyabonakaliswa. Liyasoka, lisusa ukungabaza, lisusa ukugula, futhi liletha ukukhululwa okuphelele. Sikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzokwehlela phezu kwalababantu, futhi ubaphe amandla okukholwa ukuba bakholwe ukuthi uBukhona bukaKristu onamandla onke ulapha manje. Siphe khona, Nkosi.

⁴⁴⁰ Ngilahla konke ukugula. Ngilahla zonke izifo. Ngilahla konke ukungakholwa. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi uMoya oNgcwele ungahlonipha lokho esengikushilo, futhi ushwibeke kuyo yonke lendlu futhi ukhulule wonke umuntu eBukhoni bobuNkulunkulu.

⁴⁴¹ Phakamisani izandla zenu manje futhi niMdumise. Ngimemezela ukuthi senisindile futhi naphiliswa, eGameni likaJesu Kristu!



BHEKA LAPHAYA KUJESU ZUL63-1229E
(Look Away To Jesus)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngeSonto kusihlwa, ngo Disemba 29, ngo 1963, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org